


INDLELA

YOMPROFETHI WEQINISO

 Ngiyabonga, Mfowethu Borders. Asibe silokhu simile nje sisenomkhuleko. Angazi ukuthi ubani onesicelo kulobubusuku, ungaziphakamisa izandla zakho bese uthi, “Nkosi, yimina”? Manje asikhothamise amakhanda ethu.

² Baba wethu oseZulwini, njengoba sizwa leloculo, “Nkosi, ngiyakholwa.” Singacabanga nge-ngezikhathi ukuthi, izwe jikelele, ngilizwile lelo ngezilwimi eziningi kakhulu, “Nkosi, ngiyakholwa.” *Kholwa Kuphela*. Futhi, Baba, sikhulekela ukuthi kuzoba ngaphezu kweculo kithi kulobubusuku futhi libe ngelangempela. Kwangathi singaba nokukholwa okukhulu kuWe kulobubusuku.

³ Futhi manje sikhulekela lelibandla elincane, umelusi walo, owethu uMfowethu Fuller, inceku yaKho, umfowethu esinokumethemba. Futhi sikhulekela umndeni wakhe, izisebenzi zakhe lapha, abadikoni, abaphatheli, nawo wonke lowo ongena kuleminyango engcwelisiwe. Siyakhuleka, Nkosi, liyohlala njalo liyindlu ephethe ilambu lokukhanyisela imikhumbi lenzela uJesu Kristu.

⁴ Busisa bonke abazalwane abakhonzisayo abalapha kulobubusuku, labo abangena futhi baphume nathi, sonke ngokulinganisene emgwaqeni. Siyakhuleka, Baba, ukuthi Uzobabusisa kuvame.

⁵ Futhi siyacela, kulobubusuku, okunye ukuthululwa koBukhona baKho phezu kwethu. Singabadingayo, Nkosi. Sidinga Wena. Sisekudingeni njalonjalo ngoba silapha enkundleni yempi, Nkosi, lapho izinqumo sizofanele senziwe khona. Futhi siyakhuleka, Baba, ukuthi Uzosikhuthaza njalonjalo ngoBukhona baKho. Benza okukhulu kakhulu kithi, ukwazi ukuthi Unathi. Zikhombise nje Wena uqobo ukhona, Nkosi, khona-ke kuyasikhuthaza ukuba siqhubekele phambili. Philisa abagulayo nabahluphekile. Sindisa abalahlekile. Khuthaza abadumazekile. Thola udumo kuWe uqobo. Sikucela eGameni likaJesu. Amen.

Ningahlala phansi.

⁶ Ngikholwa ukuthi kwakunguDavide owathi, “Ngajabula lapho bethi kimi, ‘Masiye endlini yeNkosi.’”

⁷ UBilly uthe, esikhashaneni esedlule, wathi, “Awuthi ukukhathala nje, babayi na?”

⁸ Ngithe, “Yebo. Bengikhathele yonke impilo yami.” Sekubenjalo ngaze ngakwejwayela.

⁹ Ngiqala ukucabanga, “Awu, sengiguge kakhulu. Bengifanele ngithi ukudedela kancane.” Bese-ke kufika umuntu othize, cishe oneminyaka engamashumi ayisishiyagalombili noma amashumi ayisishiyagalolunye ubudala, nje eshisa izwe, cishe ophindwe kabili ebudaleni bami, niyazi. Ngacabanga, “He! Nginamahloni ngami.”

¹⁰ Ezansi etabernakele ekhaya, kunezithandani ezindadlana ezigama lazo linguKidd, zehlela ezansi lapho zivela eOhio. Manje, zombili ziphakathi, awu phakathi lapho, zinamashumi ayisishiyagalombili-nanhlanu noma amashumi ayisishiyagalombili-nesishiyagalombili. Futhi zindala kakhulu sezize azisakwazi ukube zisaya emabandleni kakhulu impela, ngoba okwazo...Azinalo iphimbo elenele. Kodwa niyazi ukuthi zenzani na? Cishe onke amateyipu...Lona wesifazane omdadlana wonga imali yakhe wayesethenga isiqophamazwi. Futhi ngakho uthola iteyipu. Ngimthumelela amateyipu. Futhi uyothatha lamateyipu, futhi uyoya ezibhedlela, ndawo zonke lapho angabeka khona lesisiqophamazwi, yena nomyeni wakhe omdadlana, bedlala lawomateyipu. Bese kuthi-ke ngiyomthumelela umshuqulu omkhulu we—wezindwangu zomkhuleko engikhulekele phezu kwazo. Futhi njalo kanye ngasikhashana, “Mfowethu Willy, sengiphelelwe yizindwangu zomkhuleko futhi.” Bese kuthi-ke uma ngibabona, uyongena ebandleni, izinwele ezincane ezimhlophe, itshali elincane; naye owesilisa, umfo omncanyana.

Cishe eminyakeni emine noma emihlanu eyadlula, ngenkathi ngangise...

¹¹ Yini igama laleyondawo lapho eOhio, lapho abanaleyongqungquthela kanye ngonyaka na? Bayibiza ngeChautauqua. Kodwa ngiyakhohlwa manje. Kusezinkundleni lapho. Kodwa yini i—igama ledolobha, angeke ngisakwazi ukulicabanga. [Umfowethu uthi, “IFranklin.” Udade uthi, “IMiami, ngaseMiddletown.”—Umhl.] Manje, yilo, usondele ngqo manje. Umuntu othize uthe sihamba sedlule ngqo eMiami. [Umfowethu futhi uthi, “IFranklin.”] Futhi lisondele neFranklin. Yebo. Kunjalo. Khona e...Ngikholwa ukuthi liphakathi kweFranklin...[Abafowethu ababili bathi, “IMiddletown.”] IMiddletown. Yilo. Kunjalo. Ngakho, kunjalo, iMiddletown, ezansi phezu komfula, ngakho ezinkundleni zaseChautauqua phakathi lapho. Leyo yibasketbhola enkulu, isikhungo sezemidlalo yokuzivocavoca lapho.

¹² Futhi lomfowethu, o, sengibaze iminyaka, futhi uMfowethu Kidd omdadlana u, o, ngiqagele unamashumi ayisishiyagalombili ngenkathi bemweza, nodokotela bathola ukuthi izindlala zakhe ezingasesinyeni zase ziphendu zaba

ngokusasimila. Futhi ngakho lesisigaxa samzongolozela nje. Awu, bathi sizofanele sihlinzwe. Ngakho ngenkathi bemvula, “Ngani, asikho isidingo sokuhlinzwa. Usehambe kakhulu kabi.” Niyabo? Bathi, “Ayikho indlela yokukwenza, nhlobo.” Awu, bamletha ekhaya umfo omncane. Futhi, ukuhlinzwa, kul’khuni endodeni esindala enamashumi ayisishiyagalombili. Futhi wayesinda kuphela cishe, o, ngiqagele, ngaphansi kwamaphawondi ayikhulu.

¹³ Ngakho, uNkk. Kidd wabizelwa enhla, ezansi. Ngangisanda kufika ekhaya nje ngivela ndawondawo. UMfowethu Kidd wayefa. Wayesethi, “Ufuna ukukubona, Mfowethu Branham, ungaka...engakamuki.” Awu, uBilly nami sajika sabuyela emuva. Sawuthola u—umlayezo, ngobusuku obubodwa, cishe ngeleshumi nqo. Saqala, ngokusa okulandelayo, cishe ngelesine. Ngoba, emini ngosuku olulandelayo, ngangidingeka ngihambe futhi. Futhi sacishe impela sawaklebhula amathayi emotweni yethu, senyukela lapho.

¹⁴ Umfo omdadlana, bamsukumisa ngenkathi ngifika lapho. Futhi wayecabeke itshali elincane emahlombe akhe, ehlezi lapho njengokhokho omdala. Kwenze nje into ethize kimi. Futhi ngenkathi ngiyombheka, wabheka ngale.

¹⁵ Kwakukhona elinye inenekazi elidala lihlezi lapho, lalikade lingelinye lamalunga ebandla lakhe selokhu ashumayela ezintabeni, izwe lamalahle eKentucky, lapho elaliwashela ufiftini sente ngosuku, ukuba lithumele umyeni walo phandle ezinkundleni ukuba ashumayele iVangeli. Lokho kwakuseminyakeni cishe eyishumi ngingakazalwa; ukushumayela uMlayezo! Futhi wabheka ngale, futhi wayembiza ngo “gogo,” futhi yena eneminyaka engamashumi ayisishiyagalombili ubudala. Futhi yena owesifazane wayesedlule emashumini ayisishiyagalolunye. Futhi ngakho wathi, “Gogo, ubukeka umhlophe njengeqhwa.”

¹⁶ Ngacabanga, “Yileyondlela kumfundisi ukuba abuke abanye benhlangano yebandla lakhe, elele, ehlezi lapho, efa. ‘Gogo, ubukeka umhlophe njengeqhwa.’” Ya.

Futhi wabheka emuva ngokujika. Wathi, “Mfowethu Branham?”

Ngathi, “Yebo, Mfowethu Kidd?”

¹⁷ Wathi, “Awu, ngiqagele ngeke kube kude aze Athumele inqola yami yamahhashi yehle.” Wathi, “Ngiyenyuka, kulokhu ukusa.”

¹⁸ Ngase ngithi, “Kuyamangalisa, Mfowethu Kidd.” Ngathi, “Yileyondlela yokuba uzwe ngayo.”

¹⁹ NoDadewethu Kidd omdadlana, bangaki omaziyo, phakathi lapha na? Ya. Ngiyazi, o, izinqwaba zenu ziyamazi. Ngakho

wathi. . . Wathi, “Kodwa, Mfowethu Willy, awucabangi ukuthi uNkulunkulu ubengamphilisa ubaba manje na?”

Ngathi, “Impela, Ubengamphilisa.”

²⁰ Wayesethi, “Awu, udumo kuNkulunkulu!” Wathi, “Uma Efuna ukungiphilisa,” wathi, “Ngi-ngikulungele ukusebenza futhi.”

Ngacabanga, “Iminyaka engamashumi ayisishiyagalombili ubudala!”

Ngaqala ukuguqa phansi. Nakho kufika umbono. Kwaba yilokho-ke.

²¹ Izinsuku ezimbili kamuva, bambuyisela ngale esibhedlela. Abafana bakhe wayesembuthweni wamaphoyisa lapho edolobheni. Babengakuqondi. Bambuyisela kudokotela. Nodokotela wenwaya ikhanda lakhe, wathi, “Ndoda, akukho mkhondo walokho engingawuthola nomaphi, manje, ngixoxele indaba yakho.” Futhi-ke kwathi akasidilize isibhedlela. Wabuya ngqo nesiqophamazwi sakhe, nangu eza, edlala uMlayezo. Futhi bakhe lapho e. . . Futhi khona lapho eduze kweChautauqua nalapho.

²² Manje, ngokushesha nje lapho ngiqala *IZimpawu eziyisiKhombisa*, njengoba senza *IMinyaka yeBandla eyisiKhombisa*. Wangibiza ngobunye ubusuku, wathi, “Awu, s’thandwa, ukuba nje benginemali,” wathi, “Bengingathanda ngempela ukuza ngehle.”

²³ Ngathi, “Khohlwa yikho, Nkk. Kidd. Ikamelo lakho—lakho lilindle. Wena nobaba wozani nehle.”

Wathi, “Ayibusiswe inhliziyi yakho encane!”

²⁴ Nalokho nje kungenza ngizizwe ngikahle ngempela, niyazi, ngoba bayangikhuthaza. Benamashumi ayisishiyagalombili-nanhlanu noma amashumi ayisishiyagalombili-nesithupha eminyaka ubudala, futhi usahamba. Bese-ke mina, ngikhononda lapha, nginamashumi amahlanu-nantathu. Ngakho, he, kukwenza uzizwe kuthi thatha ukukhuthazela.

²⁵ Awu, sinokuningi kakhulu ukuxoxa ngakho, neqembu elithandeka kangaka ukuxoxa kulo, ngani, besingahlala nje lapha uhhafu wobusuku.

²⁶ Kodwa nifanele niye kuSonto sikole ekuseni manje. Manje, nifanele niqiniseke ukwenza lokho. Futhi khumbulani, bengihlale njalo ngisho, kuyisono uqobo ukuthumela abantwana benu kuSonto sikole. Ningalokothi nikwenze lokho. Lokho kuyiphutha. Bathatheni, njalo. Niyabo? Njalo hambani nabo. U. . . Futhi ngakho, manje, lokho kusekuseni.

²⁷ Ngakho, manje, uma ubuzophuthelwa umsebenzi, ukuba uzozwa, ukuba ubenathi futhi ukhuleke nathi, nokunye nokunye, uzodingeka uphuthelwe umsebenzi,

lokho kulungile. Qhubeka nje futhi uphuthelwe umsebenzi, kodwa ungaphuthelwa yibandla. Ungaphuthelwa yibandla. Angizukunenza nibe leyithi ngokwenele ukuba niphuthelwe yibandla. Kodwa uma uzodingeka uphuthelwe ngumsebenzi, kanye ngasikhathi, lokho ngeke kulimaze. Manje, ngoba, umsebenzi, leso nje yisinkwa sakho semihla ngemihla, futhi, wena, iNkosi yethembisa ukukuhlinzeka lokho. Ngakho, kodwa, lokhu, ufanele ngempela uqiniseke ukuza ebandleni. Niyabo?

²⁸ Ngiyacabanga, kusasa ekuseni, nginomunye umfowethu olungileyo lapha edolobheni. Kodwa angilazi igama lakhe ukuthi ngubani manje. Ngicabanga ukuthi libizwa ngokuthi yiApostolic Church, noma yiApostolic Church, njalo. YiApostolic Church. Ngi—ngingahle ngimazi umfowethu. Igama lakhe alikho ephapheni. Kodwa a—angimazi umfowethu ukuthi ungubani ngalesisikhathi. Bese kuthi—ke kusasa ebusuku, enhla... [Umfowethu uthi, “UMacias.”—Umhl.] Uxolo? [“UMfowethu Macias.”] UMfowethu Macias. O, uMacias. O, ibandla laseMexico. Kunjalo na? O, ngabe yilona othathe indawo kaMfowethu Garcia ngenkathi eshiya lapha na? [“Kunjalo.”] Kuhle. Lokho kuhle kakhulu.

²⁹ Ake nisho, nginencwadi, lapha ngesinye isikhathi esedlule, evela endodakazini yakhe, enhla... UMfowethu Garcia, enhla e—California, usalokhu ebambelele. Ngakho, nginokubonga kakhulu. Futhi ngimbonile uMfowethu noDadewethu Garcia ngenkathi ngangiseSan Jose, ngiyakholwa, noMfowethu Borders enhla lapho. Bakahle nje. Angisoze ngabukhohlwa lobo busuku obuningi enhla lapho kulelobandla elincane laseMexico. Angikaze ngikuzwe okukhulu kangaka kuka “Gloria a Dios” kuyo yonke impilo yami. Angisoze ngakukhohlwa lokho, “Gloria a Dios.”

³⁰ [UMfowethu Williams ukhuluma kuMfowethu Branham—Umhl.] He! Ngiyabonga, Mfowethu Williams. Lokho kuhle. Izihlalo ezingamakhulu ayishumi nanhlanu, ekuseni, kulelibandla. Ake nisho, wonke umuntu akeze neno, uma ningahambi... Manje, lindani umzuzu. Kungcono ngiqaphele ngalokho. Ngisho into ethize eyiphutha—ke. Qhabo. Bonke ubuqotho, yiba sesikhundleni somsebenzi owumiselwe. Niyabo? Unga... Manje, lokho kulungile.

³¹ Futhi namhlanje ngithole ukuthi ba... Ngibone ithende. Ngangisezansi lapha kuSixteenth noHenshaw. Noma, yilokho okwakuyikho ngenkathi ngangiphakathi, ngapha eArizona, cishe eminyakeni engamashumi amathathu—nanhlanu edlule, umgwaqo omdala oyibhuqu. Ngaphumela lapho lapho ababekhona, futhi kwakunguSixteenth noHenshaw. Ngahlala lapho nabanye abantu, eFrancisco, futhi—futhi manje awusoze wayazi indawo efanayo. Yashintsha ngisho negama. Ngicabanga ukuthi ibizwa ngeBuckeye Road manje.

Futhi, o, izinto zishintsha kanjani, kodwa uNkulunkulu akashintshi.

³² Futhi ngakho ngangilaphaya futhi ngabona ukuthi umfowethu unomhlango wethende. Omunye umfowethu ezansi lapho onethende enhla. Ngajikeleza ukubona ukuthi ngangingabona yini, kodwa angimbonanga-ndawo, ukumtshela ukuthi sasingekho lapha emncintiswaneni kuye. Kodwa, kunabantu abaningi kakhulu nje lapha!

³³ Ngiyamkhumbula uJack Shuler. Lokhu bekungaba kuhle kinina bafo beMethodisti. Ngenkathi ngingena lapha ngesinye isikhathi, kwakuseMadison Square Garden, uJack wayephandle lapha e—esikoleni esiphakeme. Futhi—futhi ngambizela enhla. Ngase ngithi, “Mfowethu Jack?”

Wathi, “Yebo. NguMfowethu Branham lona na?”

Ngathi, “Yebo.” Ngathi, “Ngigijimela khona phakathi lapha kuwe.”

³⁴ Wayesethi, “Qhabo.” Wathi, “Qhabo. Ngisale nje isikhathi eside kakhulu ngase ngingena esikhathini sakho.”

³⁵ Ngase ngithi, “O, ngiyaxolisa, Mfowethu Jack.” Ngathi, “Angi . . .”

³⁶ “A,” wathi—wathi, “lokho kulungile, Mfowethu Branham.” Wathi, “Bebefuna nje ngisale.”

³⁷ Ngathi, “O, iqembu lami ngeke likukhathaze phandle lapho, empeleni, Jack,” ngathi, “ngoba iningi labo bonke abami yiPentecostal.”

Wathi, “Kusobala, elami linjalo, nalo.”

Ngathi, “Ya?”

“Ngani,” wathi, “impela.” Wathi, “Ngiyipentecostal.”

³⁸ Ngathi, “Manje, kungecono ungamazisi uBob lokho.” Ngubabayi wakhe, niyazi. Futhi uyiMethodisti, naye, ongaguqulekiyo, niyazi.

³⁹ “Awu,” wathi, “Mfowethu Branham, awazi ukuthi yini i—yini ipentecostal na?”

Ngathi, “Ngicabanga kanjalo.”

Wathi, “Yibandla loMthetho leMethodisti.”

⁴⁰ Lokho kuthi nje akube ngokuqinisileyo, ibandla loMthetho leMethodisti. Kunjalo. Ukuba ibandla leMethodisti laliqhubekele phambili nomlayezo walo, laliyoqhubeka ngqo liyongena kwipentecostal. I—iBandla langempela lakwenza.

⁴¹ Qhabo, kungesikho ukwedelela ihlelo lakho manje, mfowethu. Uyabo? Ngoba, iphentekoste ayisiyo inhlango. Bazama ukwenza lokho, kodwa behluleke ngempela kukho. Niyabo? Yisehlakalo. Ya. IPhentekoste eyeKatolika, noma—

noma abaJuda, kumbe noma ubani. Lokho kuthola... IPhentekoste yisehlakalo, hhayi inhlango.

⁴² Futhi manje uma wonk'umuntu uneBhayibheli lakho livuliwe, noma livaliwe, ongathanda ukufunda kanye nami amaZwi ambalwa. Ngiyathanda ukufunda iZwi. Anithandi na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Ngoba, empeleni, ebengingakusho kungehluleka, ngoba ngingumuntu. Kodwa Akushoyo kungehluleke. Niyabo? "Kodlula amazulu nomhlaba, kodwa iZwi laMi aliyikwehluleka." O! Lokho akumangalisi na? ["Amen."] IZwi laKhe alisoze lehluleka. Into enhle kakhulu kangaka pho lokho okuyiyo! IZwi laKhe alisoze lehluleka.

⁴³ Manje asifunde kulobubusuku kukho, futhi sidonse ingqikithi yendaba encane kukho, engizokuthathela indikimba, iNkosi ithanda. KuseNcwadini kaAlose, isiprofetho sikaAlose. Futhi waphila cishe emakhulwini ayisikhombisa ne...Ngicabanga ukuthi cishe amakhulu ayisikhombisa namashumi ayisishiyagalombili-nesikhombisa eminyaka ngaphambi kokufika kukaKristu. Asiphenye esahlukweni 3 sikaAlose, iZwi leNkosi ngoAlose. Futhi ngi—ngiyayithanda lendoda. Ithathwa njengomunye wabaprofethi abancane, kodwa ngempela yayineZwi leNkosi.

Yizwani lelizwi iNKOSI elikhulumile ngani, O bantwana bakwaIsrayeli, ngawo wonke umndeni engawukhuphula ezweni laseGibhithe, ngokuthi,

Nginazile nina kuphela...mindenini yonke yomhlaba: ngalokho ngiyakunihambela ngabo bonke ububi benu.

Kuhamba ababili kanyekanye, uma bengavumelananga na?

Ingonyama iyobhonga ehlathini, ingenampango na? ibhongo lengonyama liyozwakalisa izwi lalo emphandwini walo, uma lingabambanga lutho na?

Inyoni ingawela ogibeni emhlabathini, ingenasihibe na? umuntu wosusa ugibe emhlabathini, engabambanga lutho na?

Kungabetha icilongo emzini, futhi bangesabi abantu na? umuzi ungehlelwa ngokubi, ingakwenzanga iNKOSI na?

Ngokuba iNkosi...ayenzi lutho, ingayembulanga izimfihlakalo yayo abaprofethi.

Ingonyama iyabhonga, ngubani ongayikwesaba na? iNkosi uNKULUNKULU ikhulumile, ngubani ongayikuprofetha na?

⁴⁴ Kwangathi iNkosi ingenezela izibusiso za Yo kulamaZwi.

45 Amehlo akhe amancane afanele ukuthi ayesebe mancane, njengoba ilanga elishisayo lalikhanya phansi ngalokho kusa futhi lamanyazelisa intshebe yakhe emhlophe nezinwele zakhe, lapho ethi cababa phezulu enyakatho yeqquma laseSamariya futhi wabuka wengama umuzi. Izingubo zakhe zazithe ukuba ngezejwayelekile, nezinyawo zakhe zinothuli. Wayengabukeki kakhulu kangako, kodwa wayenoISHO KANJE INKOSI ngabantu.

46 Kwehluke kanjani namhlanje ebuvangelini bethu besimanje! Ukuhleleka okwehluke kanje pho esinakho, kunaye!

47 Lomfo omncane, engekho omunye ngaphandle kukaAmose, umprofethi weqiniso weNkosi, eneZwi leNkosi, lalesosizukulwane esinesono! Lena engesabi, indoda encane yaprofetha ngezinsuku zikaJerobowamu wesibili.

48 UJerobowamu wayekhaliphile, ekhaliphe kakhulu, indoda ehlaniphile, kodwa wayengumkhonzi wezithombe. NoJerobowamu wayehle umbuso wakhe wayofika esiqongweni sawo, kodwa wayesekukhonzeni izithombe. Wakwenza ngendlela engalungile. Kodwa umbuso wawuphumelele phansi kukaJerobowamu.

49 Futhi, ngokuvamile, impumelelo ibanga isono. Abantu abaningi babuka impumelelo njengezibusiso. Ibingaba yizo, ukuba besingayiphatha kahle. Kodwa ngokuvamile iholela esonweni, ukungamhloniphi uNkulunkulu.

50 Umbuso wawuchuma ngosuku lwakhe. Na, bantu. Wayenza umbimbi nazo zonke izizwe ezazimzungezile.

51 Nokuthi uIsrayeli wayeshushumbe kanjani wasuka wangena esonweni esesabekayo, wadeda kuNkulunkulu, wadeda emiyalelweni yaKhe neziyalezelo zaKhe, futhi wayesukile, ngakho konke, ngokuthukuthela kwengane. Abesifazane babehamba ezitaladini, kwezabo ezinhle, izingubo ezingahloniphekile. Amadoda ayezihambela, egembula futhi ephuza. Amahhotela abahamba ngomgwaqo, besingakubiza kanjalo namhlanje, indawo yokuzilibazisa, zivulwe nge emzini.

52 Isono sasedelelwa yinkonzo, nje sibekwe savuleka nge. Indawo enhle, isikhungo esikhulu sabavakashi, futhi sasibekwe savuleka nge. Isono asibange sisakhuzwa epulpiti. Sasesingasalawuleki.

53 Futhi ngenkathi lesisiprofetho sivela, sasibonakala sengathi sasingezuku... Kwakuyoba yinto yokugcina eyayingake ize yenzeke. Ngokwalokho lomprofethi akusho kubo, kuyoba yinto yokugcina eyayingenzeka kubo, kusukela ngendlela asiqalekisa ngayo lesosizukulwane. Kodwa, nokho, phakathi neminyaka engamashumi amahlanu, umbuso wabo wesulwa waphela nya emhlabeni.

⁵⁴ UNkulunkulu ukhuluma iZwi laKhe. NeZwi likaNkulunkulu linjengeMbewu. Futhi nxa Lihlwanyelwa, nxa lowomprofethi eza neZwi leNkosi futhi wakhuluma lamazwi, ayefanele afezeke, uma ayengamaZwi kaNkulunkulu. Nxa i—iZwi leNkosi ligcotshiwe, futhi LiyiZwi leNkosi, Libophezelekile ukuba lithathe indawo yaLo ngenkathi yonyaka yaLo.

⁵⁵ Singakubona, emva kwezinkulungwane zeminyaka, lithatha indawo yaLo namhlanje. Lifanele likwenze, ngoba LiyiZwi leNkosi, futhi Lingeithubhe.

⁵⁶ Omunye wayekhuluma ngoluny'usuku kimi, wayesethi, "UGenesisi unephutha, nezinsuku eziyisithupha zokudaliweyo, Azisho."

⁵⁷ Ngathi, "UGenesisi 1 kuya ku (Genesisi) 2 yinto ehluke ngokoqobo." Isahluko 1 sikaGenesisi sithi, "Ekuqaleni uNkulunkulu wadala amazulu nomhlaba," isikhathi. Ukuthi Wakwenza kanjani, nokuthi Wakwenza nini, lokho kukuYe. Yebo. Manje-ke, "Izwe laliyihlane, futhi lingenalutho," manje-ke sisuka siqale lapho, ngokudaliweyo. Kodwa, "Ekuqaleni," ukuthi kude kangakanani, asazi. Zonke lezozimbewu Ayenazo phakathi lapho ngenkathi amanzi esuka, ukuphila kubuyela emhlabeni futhi, kwagcwalisa umhlaba. Futhi nxa iZwi likaNkulunkulu lihlwanyelwa, akukho lutho olungaLivimba ekutheni lenzeke.

⁵⁸ Nalomprofethi omncane ongesabi akavelanga ndawo. Into kuphela esitshelwa ngayo, ukuthi wayengumelusi wezinkomo. Asimazi ukuthi wayengubani uyise. Asimazi ukuthi wayengubani unina. Asazi ukuthi ukuphi noma yimuphi wabozalo lwakhe, akukho lutho ngaye.

⁵⁹ Leyo ngokuvamile yindlela amadoda ethunywe nguNkulunkulu efika ngayo enkundleni. Awaveli ndawo, futhi anyamalala ngendlela efanayo. Asibanga nokuqoshwe phansi ngaye, ukuthi kwenzekani.

⁶⁰ Lendoda enkulu uJerobowamu, okwakunga—ngamandla amakhulu engqondo, futhi wayenesizwe sisempumelelweni, nokho, sisesonweni.

⁶¹ Ngiyamangala, ukuthi besingeke yini nje sithi ukufanekisa lokho kancanyana kulobubusuku nezwe lakithi uqobo, isizwe sakithi uqobo, esonweni ngendlela esingayo. Nokho, impumelelo, sizothola ukunqamuka enteleni, khona maduze, ngiyezwa. Kusobala, noma ubani angayifunda ivaliwe lapho, ukhetho luza. Kodwa, nokunye, zonke lezizinto eyenzekayo.

⁶² UIsrayeli, abashumayeli, abapristi, nohulumeni wayeshiye iZwi likaNkulunkulu ngemuva, nokuxegisa. Futhi yingakho izwe laba sesimweni elalikuso, nakuba nje babenabapristi abaningi impela nje, futhi nje nabaningi impela abashumayeli njengoba babelokhu benabo. Kodwa babelishiyile iZwi

likaNkulunkulu, badede kulo. Futhi njalo kungalesosikhathi, ukuthi uNkulunkulu uthuma umuntu othize ongaveli ndawo, ukuliqhumisa libuyele endleleni yalo yezinyawo futhi. Omunye umuntu ongesabi uyovuka eneZwi leNkosi futhi amazamise abantu babuyele eZwini futhi.

⁶³ Bengiqaphela nje lapha. Bengibhale phansi into ethize lapha, ukuthi mhlawumbe ngingathanda ukubhekisela kuyo futhi. Lokho kusesahlukweni 2, ivesi 4. Ngithanda ukukufunda. Lalelani lomfo omncane ekhuluma lokhu ekuzwakalisa.

Isho kanje iNKOSI; Ngenxa yaleziziphambeko ezintathu zakwaJuda, yebo...zine, angiyikukubuyisa ukulahlwa kwabo; ngokuba bawulahlile umthetho weNKOSI, futhi abazigcinanga izimiso zakhe, namanga abo aba ukweduka, abawalandelayo nawoyise:

⁶⁴ Niyabona ukuthi umlayezo wakhe wawukuphi na? Ewubeka ubuyele ngqo emuva, ukuthi babededile eZwini likaNkulunkulu. Kunoma yimuphi umfundi weBhayibheli, okwenza wazi ukuthi wayengumprofethi weqiniso. Wababeka babuyela ngqo eZwini, lapho ababewe khona.

⁶⁵ O, mhlampe amabandla abo ayephumelele. Mhlawumbe babenezakhiwo ezinhle. Umuzi wabo mhlawumbe wawunobuhle obukhangayo obuningi kunePhoenix. KwakuseSamariya, njengoba sonke sazi, yayiyisikhungo esikhulu sabavakashi. Isenjalo ngisho namanje, indawo enhle.

⁶⁶ Kodwa, nokho, babededile kuNkulunkulu. NoNkulunkulu wathumela lesisithunywa kubo. Umlayezo onje pho wokukhuza ovela kuNkulunkulu! Lomprofethi omncane wabakhipha.

⁶⁷ Manje, uAmose wavela ephuma ehlane, eya emzini onobuhle obukhangayo. Akumangalisi amehlo akhe amancane ayewanikwe nguNkulunkulu ayesebe mancane phansi lapho ethi cababa egqumeni. U . . .

⁶⁸ Hhayi njengoba bekungenza abavakashi, amanenekazi, ukuthi, “Bukani konke ukuthenga abesifazane akwenzayo. Bukani izitayela ezintsha abanazo ezansi lapha,” noma hhayi njengoba abanye bamadoda bebengacabanga, “Amakhasino, nokunye nokunye, kwakukukhulu kakhulu emzini,” noma ngenxa yokuthi bangahle bahlale emakhoneni esitaladi futhi babukele ukwedlula kobunye ubulili, inkanuko.

⁶⁹ Kodwa lomprofethi, amehlo akhe aba mancane ngenxa yesono asibona emzini. Lalingabi lincane ngenxa yezinto ayezazisa, kodwa ukubona ukuthi base bedede kangakanani kuNkulunkulu, abantu ababizwa futhi bakhethwa. Niyaqaphela lapha, Wathi, “Angazi-bantu abanye kodwa nina. Nganihola nganikhipha eGibhithe, futhi manje-ke niyasuka kiMi kanjalo.”

⁷⁰ Futhi ngenkathi lomprofethi, evela ekutheni abe ngumelusi wezinkomo emuva enhla ezweni elingasenyakatho, neZwi

leNkosi, ukuthi wawubuka kanjani lowomuzi. Ufanele ukuthi wayewesula ewuhlehlisa umjuluko. Izingubo zakhe yayimanikiniki. Futhi mhlawumbe engenayo imali eyenele ukuba azithengele i—ikamelo ngalobobusuku. Akwenzanga nayimuphi umehluko kuye. Wayenomlayezo owawuvutha enhliziyweni yakhe, futhi ufanele awuveze awulethe. Akusikho lokho kuphela, kodwa ugcobo lukaMoya oNgcwele olwalumshaye lwamkhiphela ehlane lapho, lwaluvale amehlo akhe ebuhleni obukhangayo bezwe.

⁷¹ Futhi noma yiyiphi incekukristu egcotshiweyo, amehlo azo aphuphuthekisiwe ezintweni zezwe. Aziziboni lezozinto. Azizicingi. Zinento eyodwa: uKristu uphambi kwazo. Yilokho kuphela ezikubonayo. Azesabi noma yini. UKristu uphambi kwazo. Umlayezo ufanele ufinyeleliswe kubantu, futhi azimi kwilutho. Ungeke waWushisa uphume kuzo. Ungazifaka ejele, itilongo, noma ngabe yini ofuna ukuyenza. Ziphuma ngqo kulo futhi. Lowo ngogcotshiweyo weNkosi. Yebo.

⁷² Wabuka phezu kokubola kokomoya komuzi, isimilo esibi, nokubola kokomoya komuzi.

⁷³ Ngiyamangala ukuthi zingaki izinceku zeNkosi, zinqamula ezansi phezu kwentaba enhla lapha, ebezingabuka phezu kwePhoenix? Niza lapha nenzela ubuhle obukhangayo, nokukhanya kwelanga, futhi niphumule, esingekhulume ngokwalokho.

⁷⁴ Lapha kungekudala, ngesikhathi esedlule ngilapha, ngihlezi phezulu eSouth Mountain, umkami ehlezi emuva lapho, ngangikhuluma kuye. Ngathi, “Cishe eminyakeni engamakhulu amathathu noma amane edlule isigodi sasiyindawo enhle, akungabazeki, ngenkathi iSalt River igeleza yedlule lapha, nezimpisi amakoyote, nokunye nokunye, nokuqhakaza komdolofiya. Buka ukuthi sesinjani...Yonke into isibe yisibumbatha sesono.”

Wayesethi, “Awu, pho-ke yini ekuletha lapha na?”

⁷⁵ Ngathi, “Nakhu okungiletha lapha. Ngisho nakuba ebumnyameni baso nasesonweni esisemzini, kunezinye izimfazakazo zeNkosi, izithombe eziqoshwe ngetshe eziphilayo zikaKristu, ezansi lapho. Ngiza ukuba ngibeke ihlombe lami nazo, ukukhanyisa ukuKhanya kweVangeli. Abanye balabobazalwane abadadlana ezansi lapho ekhoneni lesitaladi ndawondawo, bakusebenza, futhi bakujulukela, futhi bakhala futhi bakukhulekela kakhulu, nomlayezo phezu kwenhliziyoyabo. Ngiza ukuphosa ingxenye yami nabo, ukukhanyisa ukuKhanya kweVangeli elimsulwa likaJesu Kristu endaweni enkulu ephathelene nedolobha elikhulu lalomuzi wasePhoenix.”

⁷⁶ Kuwo, nakuba, ibingaba yindawo emangalisayo; ukuba umuntu ubengathatha nje izinzuzo zakhe ngempumelelo akwazile ukuzenza, ukwakha amakhaya amahle njengasenhla

phezu kweCamelback Mountain, Cavalier Mountain. Njengoba ngedlula ngidabula lapho, ngani, eminyakeni engamashumi amathathu-nanhlanu edlule, lolo kwakulugwadule. Sasigijimisa izimbongolo ezithwele umthwalo zidabula lapho sigibele amahhashi. Nangale eSouth Mountain lapha, sijaha izimbongolo ezithwele namahhashi.

⁷⁷ Futhi manje sekuba yindawo enkulu ephathelene nedolobha elikhulu lalomuzi omkhulu ongakholekiyo. Ukhula uba ngamashumi ezinkulungwane eziphindwe kazinkulungwane. Usunwebekile, sekuze kuthi manje ukubola kwawo uqobo kwemizi kuwuletha enxushunxushwini. Isisi siyangena. Umswakamo wawo mubi njengoba unjalo eJeffersonville, eIndiana, esigodini saseOhio. Ukunisela ngenkasa... Umuntu njalo wonakalisa izwe. Ngenkathi amaNdiya esenalo, laliyindawo enhle. Kodwa ngenkathi umlungu engena, waletha izono zakhe, nophuzo oludakisayo, nokungabi nasimilo. Futhi wonakalise amazwe sekuze akuselutho kodwa cishe impela umgodi kadoti. Into enje pho ukuyibuka! UNkulunkulu uzoyesula ebusweni bomhlaba, ngolunye lwalezizinsuku.

⁷⁸ Futhi Ukhetha abantu, ekulungeni, abazobusa phezu komhlaba, njengoba Ebusa njengeNkosi. Manje Uthathela abantu baKhe iGama laKhe, abantu boMbuso waKhe.

⁷⁹ Manje, ngabe leli elikhaliphile, elinobuhlakani, iqembu eliyizihlakaniphi lakwaIsrayeli; owalo omkhulu, onamandla, umongameli oyisihlakaniphi noma inkosi, uJerobowamu, owayeyindoda ekhaliphile; futhi babeyomuzwa yini lona omncane, umprofethi ongaziwayo na? Ngabe lomlayezo omkhulu, ovutha enhliziyweni yakhe, ngabe wayeyokwazi ukuhamba adabule izitaladi, nabantu babeyokwazi, abesifazane babeyokwazi yini, bazigqokise kahle futhi, abamadoda babeyozishiya yini izindawo zokuphuzela utshwala nezindawo zesono, futhi babuyele kuNkulunkulu ngokushumayela kwalona omncane, umfo ongaziwa na? Lowo kwakungumbuzo owawungahle ufike emqondweni wakhe, noma uyenza kowami, nxa ngimbona emi lapho, nelakhe elincane, ikhanda elinempandla likhanya elangeni. Intshebe yakhe empunga ilenga ngasebhantshini lakhe. Ebuka phansi ukudabula lapho, futhi ebuka phezu kwalowomuzi, namehlo akhe eba mancane, nenhliziyo yakhe ishaya.

⁸⁰ Futhi nokho, phakathi lapho, wabona uMbuso kaNkulunkulu, owawufanele wakhiwe lapho, bonke bakalwa esonweni. Nanokukhuza okuvela kuNkulunkulu, okwakukhuza kusukela enkosini kuya esinqibini esitaladini, wonke umpristi, umshumayeli, inkosi, inkosi enamandla, inkosi enkulu, noma ngabe wayeyini, wayenokuqalekisa kukaNkulunkulu ukukubeka phezu kwabo. Ngoba ba... Ubungacabanga ukuthi babeyomemukela. O, ngabe babeyokuqonda na?

⁸¹ Khumbulani, wayengenakunconywa. Ufika ehluKile kubavangeli bakithi banamhlanje. Wayengenakunconywa okuvela kubapristi. Babengazi ngisho nokuthi umfo wayengubani. Kodwa kwakukhona Oyedwa owayazi ukuthi wayengubani. Kwakuyilowo Oyedwa owamthumayo. Yilokho kuphela okwakubalulekile, kuye, inqobo nje uma wayazi ukuthi wayethunywe evelaphi. Umlayezo wakhe wawufanele uphume ngokufanayo nje, futhi kungakhathaleki.

⁸² Wayengenazincwadi ezimchazayo zehlelo ukumeseka ngenkathi eyongena emzini, ukuba eze enhlanganweni yabefundisi, athi, “Bazalwane bami, ngithunywe yileliqembu elithize, leliqembu lezenkolo. Ngingowelithize-thize.” Wayengenakho lokho. Wayengenakho noma yikuphi kwalezozinto. Kanjalo wayengenalo ikhadi lenhlanganyelo ukukhombisa ukuthi wama ngisho enhlanganyelweni enhle nenhlangano yabefundisi ezweni ayevela kulo. Wayengenabambiswano lomkhankaso wakhe. Akazange ngisho abonisane nanoma ubani ngakho.

⁸³ Lowomfo omncane wayemi endaweni enzima. Kwakuyokwenela endodeni ukuba ijike futhi ibuyele emuva, bese ithatha umhlambi wayo futhi, isukele lapho eyayishiye khona, ukuba nje yayicabangile.

⁸⁴ Kodwa, niyabo, indoda ayithathanga-mcabango wesibili. Ayicabanganga nganoma yiziphi izincwadi eziyichazayo, kanjalo ayicabanganga ngekhadi lenhlanganyelo. Yacabanga kuphela ngento eyodwa, nalelo kwakuyiZwi leNkosi. UNkulunkulu wayekunikele kuyo inokulawula, ukuthi ifanele iwelele lapho futhi iprofethe. Yilokho kuphela okwenza noma yimuphi umehluko kuyo. YayineZwi leNkosi, futhi ngakhoke yazizwa ukuthi yayingazidingi izincwadi eziyichazayo, kumbe noma yikuphi ukunconywa, kumbe noma yiluphi ubambiswano. Into kuphela eyayiyidinga, kwakungukuthi, yayinobambiswano noNkulunkulu, futhi yilokho kuphela okwakuthathayo. Inqobo nje uma yayisentandweni yeNkosi, kwenza mehluko muni na? Inqobo nje uma yayazi ukuthi umlayezo wayo wawuvela kuNkulunkulu, UNkulunkulu wayezowuqinisekisa lowomlayezo. Wayefanele.

⁸⁵ Futhi ngenkathi eletha umlayezo, kubukeka sengathi kwakuyoba nabo bonke abapristi, nabashumayeli, nabaprofethi balowonyaka, babeyongena futhi baphenduke, ngoba babeyobe besibonile isimo sendawo, ukubona ukonakala kwesimilo. Kodwa ngenkathi eqala ukuprofetha ngeZwi leNkosi, Lalingaqondakali kubo. Babengazi lutho ngaLo.

⁸⁶ Kuyisithombe ngempela salokho namhlanje. Ongaqondakali, umlayezo weNkosi! Ibandla alazi lutho ngawo, ngenkathi bezwa abantu besukuma futhi banikeze umlayezo ngezilimi ezingaziwa, futhi banikeze incazo kuwo, futhi

bathi into ethize ilungela ukwenzeka. Abantu bafulathelisa ikhanda labo base besuka behamba; becabanga ukuthi abantu bayahlanya. Babona umuntu othize esukuma eseMoyeni futhi aprofethe, noma anikeze umlayezo ovela eNkosini, ngani, abantu bezwe lebandla namhlanje ucabanga ukuthi umuntu ulahlekelwe ngumqondo wabo. Akuqondakali kubo, ngoba bathi ababe yisimo esifanayo, namhlanje, njengoba iSamariya yayinjalo ngalolosuku.

⁸⁷ Kodwa, khumbulani, ngenkathi izizwe zithola, noma ibandla likaNkulunkulu njalo lalingena kulesosimo, uNkulunkulu wayenamandla ukuvusa umprofethi neZwi leNkosi kubo. Impela.

⁸⁸ Base bekukhohliwe, kudala. Kodwa babefanele bakhumbule, kungakhathaleki noma ngabe babengabuka ezincwadini zabo, futhi babone uma babenomfo ophuma kwezinye zezikole zabo, ogama linguDr. Amose, noma qha. Babefanele bazi, ukuthi, “UNkulunkulu kaAbraham wayengamvusele abantwana kulawamatshe, noma abaprofethi, ukuletha iZwi laKhe.”

⁸⁹ NalowoNkulunkulu ofanayo uyakwazi nje impela kulobubusuku njengoba Wayekwazi ngaleyonkathi. Futhi bekungathi, impela, kwakungukungaqondi kubantu. Angavusa amadoda, agcobe amadoda, ukuletha iZwi laKhe. Angafaka iZwi endodeni, ayithume iphume, futhi ifakazise ukuthi UnguNkulunkulu, ngalowomuntu oyozihoba futhi azinikele kuNkulunkulu, futhi angesabi ukuthatha uNkulunkulu eZwini laKhe. Unamandla okukwenza, futhi Uzokwenza. Wethembisa ukuthi Wayeyokwenza.

⁹⁰ Futhi amaZwi aKhe, kusobala, laqinisekiswa kubo ngalolosuku. Ngoba, ngenkathi lesosizukulwane esifanayo sasilokhu sikhona, konke lokho uAmose akuprofetha kwafezeka.

⁹¹ Ngiyamangala namhlanje, manje, ukuthi ukuba uAmose wayengeza kithi, sasiyomemukela namhlanje na? Ngabe iPhoenix ibiyomemukela uAmose na? Uma ndawondawo phesheya kwentaba lapha, ndawondawo, noma ezansi ukusuka kwenye ingxenye yezwe, kwafika omncane, umfo ogqoke amanikiniki kanjalo, ukuba ahambe phakathi lapha futhi abize abefundisi ukuba bahleleke, futhi athi, “NgineZwi leNkosi,” nicabanga ukuthi sasiyomemukela na? Impela qha.

Into yokuqala esasiyombuza yona, “Yiliphi iqembu okanye nalo na?”

⁹² Futhi ukuba-ke wayejike waphenduka, wathi, “Iqembu laseZulwini na?” Lokho kwakuyothi ukuba ngokungaqondakali kithi, ngiyesaba.

⁹³ Kodwa yileyo ndlela okwakungayo ngaleyonkathi. Futhi mhlampe kuba yindlela efanayo namhlanje uma uAmose efika enkundleni.

⁹⁴ Asithi, ngenxa nje yalokho engikushilo, simthuthele lapha, imizuzwana embalwa nje, futhi sibone ukuthi sicabanga ukuthi wayeyokwenzani. Niyazi ukuthi wayeyokwenzani na? Ngikholwa ukuthi wayeyophikisana nakho konke ukuhleleka kwethu. Yebo, mnumzane. Wayeyophikisana nezimfundiso zehlelo lethu. Wayeyowalahla amaMethodisti, amaBaptisti, iPresbyterian, iLuthela, iKatolika, namaPentecostal. Wayeyoyifaka phakathi yonke into. Impela wayeyokwenza. Wayeyophikisana nezimfundiso zabo zehlelo. Wayeyoqonda ngqo esisekelweni esiqavile seZwi, futhi aqale ngqo eZwini. Wayeyoqala umkhankaso wakhe phezu kuka ISHO KANJE INKOSI.

⁹⁵ Ngani, ngani, nicabanga ukuthi iPhoenix yayiyomemukela na? Nicabanga ukuthi iLouisville yayiyomemukela; iNew York, iBoston, iMassachusetts, noma yikuphi lapho okwakungahle kube khona, iCalifornia na? Qhabo, mnumzane. Babeyomfaka ejele umfo omncane ngokukhulu ukushesha ababengamthola ngakho lapho. Impela babeyokwenza. Impela babeyokwenza lokho. Ukuba wayebuyele eZwini, ngiqinisekile babeyokwenza, ngoba onke amaqembu ayeyophikisana naye. Kwakungebebikho noyedwa ovumelana naye, ngoba bafanele babambelele emasikweni abo ukuze baphikisane neZwi.

⁹⁶ Sizodingeka sikhumbule ukuthi ungumprofethi weqiniso. Uma wayekade enjalo, futhi uma wayengumprofethi othunywe nguNkulunkulu, wayeyoba nophawu olulodwa kuye, uphawu olulodwa oluyilo du esasazi ukuthi wayengumprofethi, wayeyohlala neZwi. Isizathu, yilapho iZwi likaNkulunkulu eleza khona, kwakukumprofethi.

⁹⁷ Niyazi ukuthi wayeyokwenzani na? Wayeyosiqhumisa futhi asilahle lesisizukulwane. Wayeyomlahla wonke owesifazane onezinwele eziphunguliwe ezweni. Wayeyomlahla wonke umshumayeli wehlelo. Impela wayeyokwenza. Wayeyomlahla wonke umbhemi kasikilidi, wonke owesifazane owayegqoka izikhindi noma amasleki. Wayeyobahlakaza. Ngani na? Kuphambene neZwi. Kunjalo impela.

⁹⁸ Nicabanga ukuthi sasiyomemukela na? Lutho nhlobo. Babengeke bamemukele.

⁹⁹ Wayeyozilahla izimilo ezimbi zebandla. Wayeyonyakazisa lowomunye wakhe omdadlana osumbimbi kulobobuso babashumayeli futhi athi, “Uqonde ukungitshela ukuthi nonke uzibiza ngenceku kaNkulunkulu egcotshiwe, futhi uyoma epulpiti bese niyekela abesifazane benu bagqoke ngokukhanukisayo, nangokukhanukisayo phakathi kwabesilisa benu, nezinto ezinjengalezo na? Niyekele abesifazane

benu abasha basukume kanjalo na? Niyovumela abesilisa benu ukuba baganwe kabili noma kathathu, futhi babe abadikoni emabandleni na? Uqonde ukungitshela ukuthi uyobambelela kuleyoncwadi ekuchazayo onayo esandleni sakho, bese ulibuyisela eceleni iZwi likaNkulunkulu na?" O, he! Wayeyoyiqhumisa into. Yebo, mnumzane. Ukuba nesimilo esibi kwebandla, nokuba nesimilo esibi kwamalunga, wayeyokuqhumisa. He! Lonke ilunga, wayeyolidiliza. Yonke imfundiso yasekholiji eyenziwe ngumuntu, wayeyoyidabula into ibe yizicucu.

¹⁰⁰ Manje, ubungayemukela indoda enjengaleyo na? Qhabo. Babengeke bakwenze. Impela babengeke bakwenze. Babeyomkhipha lowomfo edolobhaneni ngokukhulu ukushesha ababengaba nakho. Ngani, inhlango kaseshini yayiyobuthana ndawonye, bese ithi, "Ake nisho, sifanele senze into ethize ngalokhu. Tshelani inhlango yebandla lenu ukuba ingayi lapho ukuyozwa lokho." Qhabo. Qhabo. Sasingeke simemukele, lutho nhlobo. Sasingeke simemukele. Impela. Babengeke bakwenze.

¹⁰¹ Mlaleleni eqhumisa. O, ngiyakuthanda lapha. Ngibuka phansi ngqo kulokho akusho. Wathi, "Yena impela uNkulunkulu enizisho ukuthi niyamkhonza uyoni bhuhisa."

¹⁰² Wayeyosho leyonto efanayo namhlanje. Thina maMelika uzisonge thina uqobo ngezinto eziningi kakhulu ezifekethisiwe, ezinkulu kakhulu izakhiwo ezinkulu, nezinamba ezinkulu ezinhlango weni zethu, nakho konke lokhu ukuthandwa ngabantu okuhle, nabefundisi basekholiji oqeqeshelwe ukubamba ukuthula kwabo futhi bangasho lutho ngakho, ngoba bayesaba ukuthi bayoxoshwa ebandleni. Impela. Wayeyoyiqhumisa leyonto ibe yizicucu, ngoba iphambene neZwi. Impela wayeyokwenza. Futhi yena impela uNkulunkulu esizisho ukuthi siyamkholwa uyo—uyoshisa lento isuke, ngolunye lwalezizinsuku. Uyoyiqhumisa ibe yizicucu.

¹⁰³ UAmose wayengeke awaguqule amazwi akhe, ukuba ubelapha namhlanje. Hlalani ngqo nibuyele eZwini! O! Ini? Mlaleleni ebatshela lapho, "UNkulunkulu wayenithanda. Waniletha. Wanenza abantu abakhethiweyo."

¹⁰⁴ Ngingathanda ukumuzwa ebandleni lePentecostal kanye. Niyakholwa ukuthi unguAmose, mhlawumbe benizosuka-ke emva kwami, isikhashana. Niyabo? Yebo, wayeyobatshela. Wayengeke ancenge. Wayeyokuqhumisa nje kanzima ngakho konke ayengakwenza, futhi abatshele lapho ababesilele khona eZwini.

¹⁰⁵ UNkulunkulu owanikhipha kulawa enziwe ekhaya, amakhaza ezidumbu enziwe ngabantu, eminyakeni eyadlula! Iminyaka engamashumi amahlanu edlule, oyihlo nonyoko baphuma kulezizinqubo ezaziboshwe ngqi futhi zafaka

izwe kuzo. NoNkulunkulu wathumela isihawu saKhe phansi wayesenibiza niphume, nidede esonweni nezinto e—eyayisebandleni. Futhi manje seniphenduke najika nabuyela ngqo emuva, njengoba kwenza iSamariya. Ukuthi, uNkulunkulu wabakhipha kulawomazwe, futhi baphenduka bajika babuyela ngqo emuva base benza umbimbi nalelozwe, sikanjani namhlanje, futhi sizama ukuncintisana nalawomabandla amakhulu amahlelo. Sakha izikole ezinkulu ngokuthe xaxa. Ini? Asizidingi izikole ezinkulu. Silungile; anginalutho engingalusho olumelene naso.

¹⁰⁶ Kodwa ngaso sonke isikhathi othatha ngaso umsunguli noma umholi ophumela phambili ngosuku lwakhe, awu, uyokwenza okuhle ngosuku lwakhe, kodwa, uthi nje engasekho, khona-ke bayokwakha inhlango ngaphezulu phezu komsebenzi wakhe. Khona-ke bayothola isigejane soRicky abancane phakathi lapho, noElvise, futhi, into yokuqala niyazi, basonta into ukuyenza ifanelane nabo uqobo. Bese kuthi-ke lona *omunye* eyavela futhi ujoyela enye into ethize, ngoba uyisitshudeni esiyisihlakaniphi esikhulu esiphuma eHarvard ndawondawo, noma into ethize. Nento yokuqala, baqala ukujoyela *lokhu*, bese bekipha *Lokhu*, bese bethi *Lokhu* kwakungachazi khona *lokho nalokho*. Nibuyela ngqo esiseleni esidala esifanayo futhi. Yebo.

¹⁰⁷ Ukuba uAmose ube lapha, wayeyoyiqhumisa into iqonde ngqo emhlabathini. Akazange akhe umkhankaso wakhe phezu kokuthi mangaki amabandla ayengawathola ukuba abambisane naye. Wayengasoze akhela ibandla laKhe phezu kwenye inhlango ethize noma izingxenye ezithize zehlelo lenkolo yebandla. Into ayeyoyenza, yayiyoba ngukwakha umkhankaso wakhe phezu kuka ISHO KANJE INKOSI. UNkulunkulu wayeyomeseka njengoba Wayenza njalo, afakazise ukuthi kuqinisele. Wathi, “Kunen kathazo. Kuneziyaluyalu ebandleni lenu.”

¹⁰⁸ Wayeyothini namhlanje na? Wayeyothini ngaleloZwi likaNkulunkulu lilenga phandle lapha phambi kwethu na? UThimothewu wesiBili 3, lapho Okwathi, “Bayoba ngabanamawala, abakhukhumele, abathanda injabulo kunokuthanda uNkulunkulu; abangenakuthuliswa, abahlebayo, abangenabumnene, nabangathandi okuhle kulabo abazama ukuphila ngokufanele; benesimo sokumesaba uNkulunkulu, kepha amandla akho beyowaphika.” Nicabanga ukuthi umprofethi ubengavuka enkundleni futhi edlule lesosiprofetho na?

¹⁰⁹ Uyothi, “Kugcwaliseka emehlweni enu ngalolusuku,” ukuthi ibandla beliyoba kanjani ngeligcina umthetho ngamehlo nje, nokuthi zikanjani izinto ababeyozenza. Wayeyo—wayeyonikhumbuza lawomaZwi kaNkulunkulu. Wayeyonikhumbuza lokho uNkulunkulu athi Wayeyokwenza ngalolusuku, ukuba uAmose wavukela enkundleni. Akusikho

lokho kuphela, kodwa uNkulunkulu wayeyofakazisa, ngoAмосе, Athembisa ukukwenza ngalolusuku. Impela. Wayeyokwenza. Wakwenza ngalolosuku. Ubekwenza njalo. Impela.

Sasingeke simemukele uAмосе ukuba wavukela enkundleni.

¹¹⁰ Manje, kanjani, “Lesosimo sokumesaba uNkulunkulu,” basukume lapho e—emakhwayeni, na—nasemaceleni onke, amakhwaya amakhulu agqoke izingubo ezinde, futhi—futhi acule njengeziNgelosi; futhi adanse, ngobusuku obulandelayo, njengodeveli. Kunjalo. Niyabo? Lelo yiqiniso impela. Amanye aphuma nezinkulu, egqoke izingubo ezinde, ebuکهka sazimbali kanjalo, futhi abukeke njengohlobo oluthize lwesiDalwa esisangelosi; futhi asukume lapho futhi aphike iZwi, njengoba bekungenza noma yimuphi umoya omubi. “Benesimo sokumesaba uNkulunkulu, kepha beyophika amandla akho.” Uhambe, ukhulume ngombhaphathizo kaMoya oNgcwele, bona, ngani, ubeyo—ubeyokuxosha akukhiphe ebandleni. Niyabo? Ngani na? Uzofanele. Kodwa bayoma kulamabandla futhi bayekele amalunga abo, ekamelweni elingaphansi, enze itwisti nomculo wokuzibinya.

¹¹¹ Neyethu ethiwa eye N.B.L.K., ngiyamangala ukuthi lowo K umeleni. Hamba ungene kubo, ungeke kul'khuni ngisho nokuthi uzwe lutho kodwa iGama leNkosi. U . . . Ngabe leyo yiNhlango e qaleKisayo yaBasha besiLisa na?

¹¹² Ngahlala, kungekudala, ehhotela, lalingaphesheya kwe N.B.F.K. Futhi kwakuyihlazo ukubona lawomantombazane amancane phandle lapho kwiphansi lendlu, kwaze kwathi akube ngelesishiyagalolunye nqo, ezama ukwephula imilene yawo, enza itwisti. Kunjalo. Futhi onke, amalunga ebandla, acule emakhwayeni, futhi ayefundisa uSonto sikole. Akulutho kodwa uDeveli, efundisa labobantwana abancane phandle lapho kwiphansi lendlu, inqubo ebunjiwe, ebizwa ngenkolo. Impela. Umprofethi weqiniso wayeyoyiqhumisa leyonto ibuyele ngqo entuthwini yesihogo lapho eyaqaleka khona. Impela kuyiqiniso.

¹¹³ Nicabanga ukuthi uAмосе wayengama emsamo futhi ashumayele iVangeli, futhi alunguze phezu kwesigejane sabesifazane abaphungule izinwele futhi angakulahli na? Nicabanga ukuthi wayengeke amcaphune uIsaya 5, nabaseKorinte bokuQala 14 na? Futhi, o, wayengeke a—wayengeke athulula lokho kukho na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Impela. Wayeyokwenza. Ehle ngezitaladi futhi abone abesifazane begqoke lezingubo ezincane, bebukeka njengabesilisa, zimpintshe ngangokuthi isikhumba singaphandle, cishe impela; behla, betwista, becokama, behamba kanjalo, behamba bezikhencezisa, futhi nicabanga ukuthi indoda kaNkulunkulu yayingeke ime epulpiti futhi

iyiqhumise leyonto na? ["Amen."] Kanti, kuyivelakancane impela ukuthi kuke kukhulunywe e—epulpiti. Nalokho kusemabandleni amaPentecostal, futhi. Kunjalo impela. Kwakungeke kwenze mehluko kuAmose. Hhe-e. Abanye... Wayeyoba nguye owayeyokusho. Wayengeke esabe, ngoba wayegcotshwe yiNkosi. Futhi uma wayeno ISHO KANJE INKOSI, kwakuyodingeka kube yiZwi leNkosi.

¹¹⁴ Ufika eSamariya, hhayi ukuba abuke ubuhle babo obukhangayo, ukuba abale ukuthi zingaki izinhlango, nokuthi zazinezinamba ezingaki.

¹¹⁵ Njengoba ngasho ngobunye ubusuku, kubonakala sengathi, namhlanje, ukuthi ibandla lonkana lakhelwe phezu kwe, into enkulu phakathi kwabazalwane namhlanje, bamabandla, ngukuthi, "izinamba, izinamba," omunye ezama ukwenza adlule omunye. "Izinamba!" UNkulunkulu akazibali izinamba. Ubala isimilo. Isimilo yilokho uNkulunkulu abuka ukuba akuthole, umuntu othize Angabeka izandla zaKhe phezu kwakhe, umuntu othize oyoma athule isikhathi eside ngokwenele.

¹¹⁶ Njengoba sasho, "Izinqumo! Wonk'unyaka, saba nezinqumo ezingaka." Lokho *amatshe*, "izivumo." Futhi lisizani itshe ngaphandle kombazi wamatshe neZwi likaNkulunkulu elibukhali, ukumsika abe yindodana kaNkulunkulu, noma indodakazi kaNkulunkulu, futhi ayibeke eBandleni lapho engeyakhona na? Ukuginqa amatshe angeke kwenze isakhiwo. Ufanele uwasike futhi uwalolonge.

¹¹⁷ Sidinga amadoda namhlanje, amadoda agcotshiwe, njengoba uAmose wayenjalo, lokho bekuzosika izwe lisuke kulowo wesifazane futhi kumenze indodakazi kaNkulunkulu, kusike lelozwe lisuke kowesilisa. Kungakhathaleki ukuthi bangaki abaphatheli abamphosele ngaphandle, kumbe noma yini enye, ubeyoma ku ISHO KANJE INKOSI. Yebo.

¹¹⁸ Sasingeke simemukele uAmose, angicabangi, kanje. Yini enicabanga ukuthi uAmose wayeyoyenza ngenkathi ehamba eyongena ebandleni lamaPentecostal anamhlanje, elizisho ukuthi liholwa nguMoya oNgcwele, bese-ke ebona leyonto efanayo ebandleni lePentecostal elizisho ukuthi liholwa nguMoya oNgcwele? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Ngiyamangala. Manje, singakhuluma ngamaBaptisti, namaMethodisti, neLuthela, kodwa, uma sekuza emnyangweni wethu uqobo ongcolile, manje-ke kuthiwani ngalokho na? ["Amen."] Sidedile eZwini likaNkulunkulu! Ikhona into ethile engahambanga kahle, ndawondawo. Kunjalo impela. Ya. Bayafika futhi benze zonke lezizinto ezehlukile, futhi bazisho ukuthi baholwa nguMoya, basine eMoyeni, ngezinye izikhathi bakhulume ngisho nangezilimi.

¹¹⁹ Ngiyakholelwa ekukhulumeni ngezilimi. Ngiyakholelwa ekusineni eMoyeni. Ngiyakholelwa ekumemezeni. Kodwa

kuneyne inqwaba ehambisana nalokho. Kunjalo. Nenza zonke lezozinto, futhi niphike iZwi, khona-ke kunento ethize engalungile ndawondawo, banomoya ongalungile. Ehhe. UNkulunkulu akabaholeli abantu baKhe ezintweni ezinjengalezo, empeleni. Qhabo. Akakwenzi.

¹²⁰ Ngicabanga ukuthi sekuyisikhathi sekuthi nje akube ngesinye isikhathi sephathi ephumayo, enye iPhathi yeTiye kaBoston, ukusho. Ibandla lidinga eyodwa. Lidinga okuhle ngempela ukuhlanza.

¹²¹ Ngenkathi, uJoan of Arc, ezinsukwini ezedlulayo, ibandla eliKatolika laphundulwa ukwazi ukuthi wayengongcwele ngenkathi esaphila, ngoba wabona imibono, wayekwazi ukuhumusha amaphupho, owesifazane ogcwaliswe ngoMoya. NoNkulunkulu walisebenzisa inenekazi elincane. Futhi babecabanga ukuthi wayengumthakathikazi. Futhi bamshisela esigxotsheni, njengomthakathikazi. Niyakwazi lokho. Abapristi beKatolika bakwenza lokho qobo lwabo. Amakhulu eminyaka adlula, futhi bathola ukuthi wayengongcwele. Manje-ke, ngenkathi babezomngcwelisa, bafanele benze ukuzihlawulisa. Ngakho bambulula lowomzimba wabapristi base beyiphosa emfuleni, ukwenza ukuzihlawulisa. Niyabo, kwedlula ngakhona ngqo futhi bayehluleka ukukubona. Benze cishe impela into efanayo ngoPatrick oNgcwele nabobonke abanye babo.

¹²² Akumangalisi uJesu athi, “Nihlobisa futhi nenza-mhlophe amathuna abaprofethi, futhi nguwe owabafaka lapho.” Kunjalo. Esikudingayo namhlanje nguAmose ozobuyisela iZwi leNkosi kithi. Impela uyakwenza.

¹²³ Manje, ukuzisho kwethu nezinto akusho lutho ngaphandle uma uMoya kaNkulunkulu ulapho ukweseka ukuzisho kwethu. Uma izimpilo zethu zingaqhathaniseki nokuzisho kwethu, khona-ke kukhona okungalungile.

¹²⁴ UJoan of Arc waholela iFransi ekuguquleni umbuso. Babedinga ukuguqula umbuso. Yilokho impela abakwenza. Babedinga ukuguqula umbuso, futhi wakuhola. Kodwa emva kokuguqula umbuso, lapho iphutha lenziwa khona, babedinga ukuguqula umbuso okuphambene nokwangaphambili ukuqondisa—ukuqondisa lokho ababekuguqulela umbuso.

¹²⁵ Ngithi ibandla lamaPentecostal liyinto esondele kunayo yonke kulo iBhayibheli namhlanje. Uma belingenjalo, bengiyoba phakathi kwelinye elithize. Kunjalo. Bengingeke ngime lapha ngichitha isikhathi sami, ngikhuluma kubantu bePentecostal, ukuba angicabanganga ukuthi kwakunamathemba. Kunjalo. IPhentekoste iqinisile. Kodwa nxa sidinga iPhentekoste ukuba ihlangane ndawonye namasiko ethu abhidlizwe, khona-ke sidinga ukuguqula umbuso okuphambene nokwangaphambili. Sidinga ukufika okuphambene nokwangaphambili, ya; hhayi

ukuzisho kwePentecostal, kodwa ukufika okuhlanzekile kwePentecostal.

¹²⁶ UNkulunkulu ungewele. Abaphila ngaYe bafanele baphile ngokungewele. UnguNkulunkulu ongewele. IBhayibheli lathi, “Ngaphandle kobungewele, akukho-muntu oyobona iNkosi.” Lelo yiqiniso. UkuPhila kwaKhe kungewele. Futhi uma ukuPhila kwaKhe kukuwe, kukwenza ube ngewele. Ngaphandle kwaKho, awuyiboni iNkosi. Futhi bukani ukuthi lishushumbela kuphi.

¹²⁷ Siyinto ethize ethi ayibe njengoba wayenjalo uIsrayeli ngalezozinsuku, nokho. UIsrayeli wacabanga, ngenxa yokuthi babephumelela, yonke into yayihamba kahle. Babenombimbi, ngezinsuku zabo, kanye neminye imizi. Futhi babenombimbi. Uhulumeni wayenombimbi nabefundisi, nabapristi, nabaprofethi. Futhi babecabanga ukuthi lokhu kwakulungile. Futhi babecabanga ukuthi lokho kwakuthokozisa nje eNkosini. Kodwa babenomfo omncane owaphakamayo wayesebabuyisa futhi. Kunjalo.

¹²⁸ Ngenxa yokuthi nje baphumelela, yilapho esenza khona iphutha. Impumelelo ayisilo uphawu lwesibusiso sokomoya. Kunjalo. Akusikho nakancu ukuthi yiso. Impumelelo, ngezinye izikhathi, iyisithiyoyi.

¹²⁹ Niyakhumbula ukuthi iNkosi yathini ngoIsrayeli na? “Ngenkathi usemncane, ngenkathi wawungenalutho, ngenkathi ulala egazini lakho uqobo endle, ungenamuntu wokukuhlanza, Ngakungenisa. Wase uNgikhonza-ke. Kodwa nxa usube mdala ngokwenele waze wacabanga ukuthi wawukahle futhi uphephile ngesingawe, khona-ke waNgishiya.” Bebekwenza njalo lokho.

¹³⁰ UUziya, njengoba ngakhuluma ngaye ekudleni kwasekuseni koSomaBhizinisi ngokunye ukusa, wayeyindoda enkulu. Wabambelela eNkosini. Kodwa ngoluny’usuku emva kokuba uNkulunkulu esemqinisile... Futhi wayeyisibonelo esikhulu kuIsaya umprofethi. Kodwa emva kokuba eseqinile, futhi wakheka, izizwe ziqala ukumesaba. Wakha izindonga zakhe futhi uqala ukuthola izinto ezingubuhle obukhangayo. Wathola ukuzidla. Wathola ukuba abuke ukuthi wayemkhulu kanjani. Kwase kuthi-ke wazama ukuthatha indawo yomshumayeli. NoNkulunkulu wamshaya ngochoko, futhi wafa engonochoko. Niyabo? Asifuni neze ukuthola ukuphakanyiswa, ezinhliziyweni zethu.

¹³¹ Futhi ngezinye izikhathi, nxa sibona izinhlangano zethu ziphumelela, siqala ukuba sithi, “Siyiqembu elikhulu. Siyiqembu lePentecostal elikhulu kunawo onke elikhona. Sinokuningi kakhulu kunawo onke amanye.” Noma, “Ungeke uye eZulwini ngaphandle uma ungoweqembu lethu,” noma into ethize. Nxa uthola ngaleyondlela, usuzehlukanise neZwi

leNkosi. Kunjalo. Khumbulani, ublankethe ubanzi ngokwenele ukuba welulekele umfowenu. Lokho kunjalo impela. Umfaka.

¹³² O, sidinga kanjani, namhlanje, ubizo lokubuyela eZwini leNkosi. Bukani, namhlanje. Nesizwe sakithi sidinga ubizo lokubuya.

¹³³ Ngizokhuluma, ngobunye balobubusuku obuningi, uma ngingaphumelela, ngifuna...nginokubeka icala. Bengifanele ngilinde ngize ngithole ukuhlanganisa bonke abashumayeli ndawonye. Ya. Ngifuna ukusibeka icala lesisizukulwane ngeGazi likaJesu Kristu, futhi ngikufakazise kini. Niyabo? Manje, ngingahle ngibe nakho, ngiphumele ndawondawo ukwenza lokho. Kodwa sizokwenza, sibone uma singaba nokudla kwasekuseni ngokunye ukusa, kwabefundisi nje. Futhi ngi—ngifuna, iNkosi ingisiza, ukukhombisa impela lapho esi—lapho esiqonde khona, indlela engesiyo. Sifanele sibuye. Ayikho enye indlela kodwa ukubuya. Kunjalo.

¹³⁴ Bukani isizwe sakithi namhlanje. Bukani ukuthi sizama ukwenzani, yona impela into eyenzeka ngonyaka wobumnyama, sihlanganisa ibandla nombuso ndawonye.

¹³⁵ Bukani ekuhlanganiseni, ukuhlanganiswa, noma u—uMkhandlu wamaBandla oMhlaba. Onke amabandla eyongena kuloMkhandlu wamaBandla oMhlaba, futhi bacabanga ukuthi lobu ngubunye bukaNkulunkulu. Ngoba, onke amabandla, iUnited Brethren, amadoda amabandla aqavile, engena kulena enkulu inhlango eyodwa. Lokho yingenxa yokushoda ekwazini iZwi likaNkulunkulu. Umprofethi wakhuluma ukuthi leyonto yayizokwenzeka, “Bayokwenza umfanekiso kuso isilo, futhi siyoba namandla okukhuluma.”

¹³⁶ O, nicabanga ukuthi uAmose ubengama epulpiti kulobubusuku phansi lapha, ukuba ubesePhoenix, futhi ehluleke ukumemeza ngaleyonto na? Bekungebe ngukuthi ubeyomelana nathi, abazalwane, kodwa wayeyomelana nenqubo esidonsa isisuse eZwini. Lokho kwakungaba yilokho ayeyokwenza. “Lawomadoda angahamba kanjani ndawonye na?” IBhayibheli lasho lapha, phakathi lapha, uAmose. INkosi yathi, “Tshela abantu, Kungahamba kanjani ababili ndawonye, bengavumelananga na?”

¹³⁷ Manje, sizowathatha kanjani amaqembu ethu ePentecostal bese siyongena eMkhandlwini wamaBandla oMhlaba, nxa uhhafu wawo uphakathi lapho, ngaphezu kohhafu, amapesente angamashumi ayisishiyagalombili—nanhlanu noma angamashumi ayisishiyagalolunye—nanhlanu, aphike ngisho nokuzala kwentombi na? Ayaphika. Ngiqagele, amapesente angamashumi ayisishiyagalolunye—nesishiyagalolunye awo ayaphika, ayakuphika ukuphilisa ngokukaNkulunkulu. Ayayiphika imigomo yeBhayibheli. Ayakuphika ukukhuluma ngezilimi. Iqembu lePentecostal kuphela elithatha lokho. Futhi

sizozihlanganisa kanjani thina uqobo nawo ngobunye na? Sizoba kanjani munye nawo na? Sizohamba kanjani nawo ngaphandle kokuvumelana nawo na? Nizokwenza kanjani na? Nizofanele niphike inkolelo enkulu yobuvangeli eninayo, imigomo eqavile yeBhayibheli, ukuze nihambe nawo.

¹³⁸ Ngiyanitshela, uNkulunkulu ubiza umuntu ngamunye. Ubiza wena, njengomuntu ngamunye, ukuba uhlale neZwi laKhe futhi uhlale naYe.

¹³⁹ Wayengahamba kanjani uNkulunkulu nawo, nxa izivumokholo zawo uqobo, zibunjwe ngokuhlakanipha kwawo uqobo kwezwe, aphike iZwi laKhe na? Nxa isivumokholo sivuma imfundiso yeqembu lamadoda, ndawonye, futhi liphika iZwi ukuthi linjalo, khona-ke ujikisa uNkulunkulu aqhele kuwe. UNkulunkulu ungcele. Futhi uNkulunkulu, iBhayibheli lithi, Uyalilinda iZwi laKhe, ukuliqinisekisa. Futhi Angaliqinisekisa kanjani iZwi, nxa iZwi lingekho lapho na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Yingalesosizathu sinamalunga esikhundleni sabantwana. Lokho ngokuthi, sinesivumokholo. Futhi wonk’umuntu anga . . .

¹⁴⁰ Izwe lifuna indoda ephakeme. Asebenzela . . . Afuna into ethize engawadedela abambelele ekuzishoni kwawo kobuKristu futhi aphile noma ngayiphi indlela afuna ngayo. Abesifazane bafuna ukuziphathisa okweHollywood futhi bebe besalokhu bebambelele ekutheni banoMoya oNgcele. Abashumayeli bafuna ukwakha ibandla elikhulu kunawo onke futhi benze zonke lezizinto, futhi babe nabadikoni oshadelwe izikhathi eziningi. Futhi—futhi bangenza lezizinto ezincane futhi bagqoke lezizingubo, bakubiza ngokukhululeka kwabesifazane.

¹⁴¹ Nicabanga ukuthi uAmose wayeyoma athule ngalokho na? Qhabo. Impela wayengeke. Nicabanga ukuthi uAmose wayeyoma athule, futhi ahlangele nokubusa ezindabeni ezingcele nababhishobhi enhla lapho, futhi athi, “Bazalwane, ngicabanga ukuthi nenze into enkulu.”

¹⁴² Wayeyothi, “Nina sigejane samambuka! Nina bakhohlisi! Nina baphiki bokuKholwa!” Wayeyosho into efanayo eyashiwo nguMikaya, lolosuku ngaphambi kwalawomakhulu amane abaprofethi bamaHeberu abazaziyo.

¹⁴³ Bathi, “Ngesibalo, yisixuku, futhi kunokuphepha.” Kuya ngokuthi ufuna ukuwusebenzisela kuphi lowomBhalo.

¹⁴⁴ Ngingathi, “UJuda wahamba futhi waziphanyeka; futhi nihamba nenze into efanayo.” Akusebenzi lapho.

¹⁴⁵ Futhi akusebenzi, ukuthi, “Esixukwini seseluleko kunokuphepha.” Ibandla eliKatolika linakho kini nonke-ke.

¹⁴⁶ EZwini likaNkulunkulu kunokuphepha. IBhayibheli lathi, “IGama leNkosi lingumbhoshongo onamandla. Olungileyo ubalekela kuwo futhi baphephile.” Futhi yileyondawana

kuphela ephephile engiyaziyo. Abaprofethi njalo babekukholwa lokho. Ngenkathi uAbrahama efa, ngenkathi...Ngenkathi uJobe efa, wazibeka yena uqobo ezweni elithenjisiwe, ithuna lakhe.

¹⁴⁷ Ngenkathi uAbrahama efa, wathenga isiqephu sezwe khona impela ngasendaweni efanayo, ngakuJobe. Wenzani na? Wabhekisisa lowomprofethi. Wazi ukuthi leyo kwakuyindoda kaNkulunkulu, wayesethi, “Ngiyazi uMhlengi wami ukhona, futhi ngezinsuku zokugcina Uyoma emhlabeni. Nakuba izibungu zesikhumba sekubhubhise lomzimba, nokho enyameni yami ngiyakumbona uNkulunkulu.” Ya. NoAbrahama wayekwazi lokho. Wembela uSara lapho. Wathenga isiqephu sezwe, wayesembela. Yena uqobo wembelwa lapho.

¹⁴⁸ UIsaka, ngenkathi efa, wabuyiselwa emuva futhi wembelwa lapho. UIsaka wazala uJakobe.

¹⁴⁹ NoJakobe wafela ezansi le eGibhithe. Kodwa engakafi, wabiza indodana yakhe engumprofethi, uJosefa. Futhi wayazi ukuthi wayengumprofethi, indoda kamoya, ihumusha amaphupho, futhi yabona imibono, yayiqinisele ngokuphelele ngasonke isikhathi. Wathi, “Woza lapha, Josefa, ndodana yami engumprofethi. Beka isandla sakho phezu kwalengqulu uNkulunkulu usomandla angithinta iminyaka eyadlula, futhi washintsha igama lami lisuka ekubeni ngu ‘mqineli’ laya ekubeni yi ‘nkosana noNkulunkulu.’ Beka izandla zakho phezu lapha bese ufunga ngalowoNkulunkulu ukuthi awuyikungimbela ezansi lapha eGibhithe.” Ngani na? Ngani na? Kwenza mehluko muni na?

¹⁵⁰ Yilokho abakushoyo namhlanje, “Kwenza mehluko muni na?” Sithola isigejane sabantu, sibajoyinise ibandla, futhi sibasuse ezitaladini. Mhlawumbe nimenza umntwana wesihogo ngokuphindwe kabili kunoma ubenjalo phandle esitaladini. Kunjalo. Kwenza umehluko.

¹⁵¹ UJosefa, ngenkathi efa, wakuphatha, wathi, “Suku lumbe iNkosi uNkulunkulu iyonihambela.” Wayengumprofethi. Wathi, “INkosi uNkulunkulu iyonihambela. Futhi ningawashiyi amathambo ami ezansi lapha, kodwa niwanyusele ezweni elithenjisiwe.” Ngani na? Wayazi ukuthi uLibo lokuvuka lwaluzophuma ezweni elithenjisiwe. Kunjalo impela.

¹⁵² UJesu, ngenkathi Efa, futhi wavuka ekuseni ngePhasika, iBhayibheli lasho, ukuthi, “Abaningi babangcwele ababelele othulini bavuka, futhi baphuma emathuneni futhi babonakala kwabaningi.” Kwakungubani na? UAbrahama, uIsaka, uJakobe, uJosefa. Ngani na? Babesendaweni efanele.

¹⁵³ Yingalesosizathu ngithi kuyawenza umehluko. Ningangimbeli nje phandle lapha kwenye iMethodisti, iBaptisti, noma elinye ibandla elithize. Ngimbeleni kuJesu, “Ngokuba

labo abakuKristu uNkulunkulu uyakubaletsa kanye naYe nxa Efika.” Futhi kuyawenza umehluko. Impela, kuyawenza.

Ningavumeli omunye umuntu anitshele, “Ngoba najoyina ibandla.”

¹⁵⁴ UAmose wayengasoze ame athule ngalokho. Wayeyothi, “Yena impela uNkulunkulu enithi niyamkhonza. . .”

¹⁵⁵ Ngingasho lokhu eGameni leNkosi. Yena impela uNkulunkulu lesisizwe esifanele ukummela uyosibhubhisa lesisizwe. Uyowabhuhhisa lamabandla. UNkulunkulu waseZulwini uyokwehlisa ulaka lwaKhe ekwahlulelweni futhi abhuhhise lamabandla, athiwa amabandla. Khumbulani, thathani iZwi lami.

¹⁵⁶ Akukho-muntu ongajoyina iBandla. Ujoyina idlangala. Awulijoyini iBandla. Uyazalwa eBandleni. Niyabo? Ujoyina idlangala leMethodisti, idlangala leBaptisti, idlangala leKatolika, idlangala lePentecostal. Kodwa uyazalwa eBandleni likaNkulunkulu ophilayo; futhi yilokho Akuzelayo, leloBandla. Ngakho, sinamadlangala, hhayi amaBandla. Noma yini ingabuthana kuleodlangala, abazenzisi nayo yonke enye into. Kodwa ngizonazisa lokhu khona manje, ngokweZwi, akukho noyedwa umzenzisi eBandleni likaNkulunkulu ophilayo. Akukho lutho Lapho kodwa abangwele.

¹⁵⁷ Manje, ubulunga bungakufaka phakathi. Futhi nicabanga—nicabanga ukuthi uAmose wayengeke akuqhumise lokho na? Wayeyoyizamazamisa leyonto iye esisekelweni sayo. Impela wayeyoyenza.

¹⁵⁸ Bukani. Ngenkathi uIsrayeli esemgwaqeni wakho, esukele ukuyongena ezweni elithenjisiwe, eholwa nguMoya oNgcwele, iNsika yoMlilo yayiphambi kwabo, iDwala elishayiwe labalandela.

¹⁵⁹ Futhi nakho kuphuma uMowabi, owayengumfowabo. Khumbulani, wayeyingxenye kaIsrayeli, naye. Wayeyingxenye, njengovela kulolozalo lwabaJuda, ngoba kwakungumntwana kaLoti ngendodakazi yakhe. Kwakhipha uMowabi.

¹⁶⁰ Futhi bukani uBalami, umpristi, uphuma lapho wayesenza ialtare, wanikela ngohlobo olufanayo lwemihlatshelo, nje njengokuqavile njengakho konke ayengaba yikho. Niyabo? Futhi wayekanye nomuntu onodumo. Wayenenkosi. Wayenawo onke amadoda amakhulu, amakhosana nabathenwa, bemi naye.

¹⁶¹ Kodwa kwakukhona oYedwa emi noMose angambonanga. Yilowo-ke Owama noAmose. Yilowo-ke Oyoma nawo wonke umuntu olapha, kulobubusuku, oyomela uNkulunkulu nokulunga. Akunandaba ukuthi ayekanganani amakhosi anamandla, amakhosi amakhulu ilapho, ayihlangene ngalutho nakho. Awasoze akwazi ukuqalekisa lokho uNkulunkulu akubusisile. Ngani na? YiMbewu ephilayo.

YiZwi likaNkulunkulu. Liyokhula liye ekupheleleni kwaLo. O, izibonakaliso zikaNkulunkulu ophilayo ekamu! Lokho ngukuthi, kwakubukeka kunjengalowoIsrayeli wayenze okungalungile ezansi lapho. Kodwa behluleka ukubona leloDwala elishayiwe, nalesosiVumelwano senzela uIsrayeli. Futhi kwakunenhlokomo yeNkosi ekamu. UNkulunkulu wayenabo. Ngani na? Wayephilisa abagulayo, futhi enza izimangaliso ezinkulu, nezibonakalo nezimanga, neNsika yoMlilo yalenga phezu kwabo. UMose wayelandela iNsika yoMlilo. Abantwana bakwaIsrayeli wayelandela uMose. Futhi babesemgwaqeni wabo beqonde ezweni elithenjisiwe, futhi akukho lutho oluzobamisa. Amen.

¹⁶² O, bekungebelula ukuba kuphindwe namhlanje, ukuba uNkulunkulu ubengathola umuntu othize esandleni saKhe, ekulawuleni kwaKhe na? LeyoNsika yoMlilo isaphila. Usenguyena izolo, namuhla, naphakade. IZwi lisaphila.

¹⁶³ Nkulunkulu, sithumelele uArose o...ozomela iQiniso nokuqiniseleyo, azamazamise lezizinto.

¹⁶⁴ Wena uthi, “Besinga...Nhloboni yemiphumela enicabanga ukuthi wayeyoba na?”

¹⁶⁵ Awu, wayeyoba nemiphumela, wayeyoze abize bonke labo uNkulunkulu ayebazi phakade ukuba babizwe. Yilowo abeyomthola. “Konke uBaba aNgiphe khona kuyakuza.” Yebo.

¹⁶⁶ UMikaya wayephambi kukaAhabi, noAhabi wamzonda. Lonke iqembu labefundisi lalimelene naye. Futhi bonke wayephefumulelwe, futhi, kodwa ukuphefumulelwa kwabo akubambisananga neZwi. Ngiyethemba, mhlawumbe, uArose wazithela kuleyonto efanayo.

¹⁶⁷ Ngenkathi abapristi bephumela esitaladini, bathi, “Manje, awulinde umzuzu. Kuphi—kuphi...Ngikhombise izincwadi zakho ezikuchazayo. Yisiphi isikole owavela kuso na? Yiluphi uzalo owaphuma kulo na? Ngabe uyi...Ubani owakwenza umpristi na?”

Wayeyothi, “UNkulunkulu wangenza yena.”

“Uvela kusiphi isikole na?”

¹⁶⁸ “UJehova uNkulunkulu. Ngino ISHO KANJE INKOSI.” Bayomlalela na? Impela qha. Babengafuni ukuzwa lowomfo. Impela qha. Babengafuni. . .

¹⁶⁹ Futhi, nokho, lawomadoda angahle ukuba athi, “Ngiphefumulelwe. Awu, ngingowebandla elikhulu labaFarisi lapha. Bukani ukuthi uNkulunkulu usibusise kanjani. Sifake ama altare egolide. Simise amathempeli. Senze zonke lezizinto. Futhi, o, umnikelo wethu wezimishini mkhulu kunoma yiliphi lamabandla kulolonke iJudiya. Awu, senza zonke lezizinto *lapha*. Abantu bakithi bangabakhokhi abakhulu bokweshumi, nakho konke lokho.” Kodwa nokho uMikaya noma. . .

170 UAmose wama lapho wayesethi, “UNkulunkulu enizisho ukuthi niyamkhonza uyonibhubhisa.” Futhi kwenzeka ngaleyondlela.

171 Manje, angizilahli izinhlelo zezithunywa zenkolo. Angiwalahli amabandla amakhulu. Kodwa, inkathazo yakho ingukuthi, abantu ubeka amehlo abo phezu kwalokho, naphezu... uwasuse eZwini. Futhi, ekugcineni, kukuhola uchezukele ngqo kuleyonto, futhi uzithola ushushuluza. Buyela ngqo eZwini. Ungadedi kuLo. O, sikudinga kanjani ukumemeza, ehlane namhlanje. Impela kuyiqiniso manje. Impela.

172 Ezinye izizindlo, abantu bayazindla. Bafuna ukuzindla. Yileyo nto yokuqala ethole... Yilokho okwalahla inhlanganyelo yesizwe sabantu, kungenkathi uSathane ethula uhlelo lomzindlo ngokumelana neZwi ukuthi linjalo. Futhi kuzwakala kunengqondo impela.

173 Ake sithathe uSathane nje, angahle ukuba wakusho kuEva, ngenkathi uNkulunkulu ebabiyelele phakathi ngeZwi laKhe.

174 Yileyo nto kuphela uNkulunkulu ake ayinika abantu baKhe ukubaqinisa esitheni, kwakuyiZwi. Akasiniki neze isivumokholo. Akasiniki neze lutho kodwa iZwi laKhe. Yilokho kuphela. NoNkulunkulu ungongenasiphelo, onamandla onke, ongaguqulekiyo. Angeguquke. Uhlelo lwaKhe lokuqala luphelele. Akadingi neze ukuba alushintshe.

175 Isinqumo saKhe sokuqala, ngenkathi umuntu ona futhi wanqamula kulelogebe elikhulu phakathi kwakhe noNkulunkulu, engazishiyeli-ndlela yokubuya, uNkulunkulu, egcwele isihawu nomusa, wavuma isibambiso. UNkulunkulu kuphela ogcwele isihawu nomusa owayengenza into enjengaleyo. Wavuma isibambiso, nalesosibambiso sasiyigazi. Yileyo ndawo kuphela umuntu ayengaze angene ngayo enhlanganyelweni noNkulunkulu futhi, kungaphansi kwegazi elichithekile. Futhi akukaze noma ngasiphi isikhathi ukuthi umuntu wayengahlanganyela kuNkulunkulu, kuphela ngegazi. Futhi kuyiqiniso kakhulu, lapho ehlanganyela khona noNkulunkulu.

176 Manje, uEva wawisa imigoqo. UEva uqala ukuzindla. USathane washo kanje, “Manje, u... Awazi. Awukakabi nokufunda kwasesikoleni okwamanje. Nginguprofesa wekholiji phandle lapha.” Elingelakhe uqobo. “Futhi, ngiyakutshela, sifunde ezinye izinto phandle lapho. Safunda ukuthi uNkulunkulu ulunge kakhulu! Safunda ekholiji lethu ukuthi uNkulunkulu ulunge kakhulu! Akakubhekile ukuba wenze konke Akuloba lapho. Akakubhekile lokho.”

“Ya, kodwa,” wathi, “iNkosi uNkulunkulu ishilo.”

177 Manje, owesifazane wayeyoba ngumshumayeli okahle, ukuba wahlala kuLokho. Yingalesosizathu elahlwa ukuba abe nguye namhlanje. Niyabo? Mqheliseni kukho. Wayeyothini

uAmose ngalokho na? Ngifisa sengathi bengingamuzwa cishe imizuzu emihlanu, futhi ngiqophe umlayezo wakhe. Bengiyowufaka ngqo eteyipini, ngidedele izwe lonkana liwuzwe. Ehhe. Bese-ke ngingazithulela ngakho, kusukela lapho kuqhubeke. Qaphelani. Yebo, mumzane, wayeyokulahla.

¹⁷⁸ Futhi qaphelani ukuthi wathini. Manje, uSathane wathi. . . Manje, akakwazanga ukwenza lokho ngoEva, niyazi. . .

¹⁷⁹ Akakwazanga ukukwenza lokho ngoAdamu, kodwa wakwenza ngoEva. Ngakho wathi kuEva, manje, “Manje uyakwazi *lokhu*.” Wathi, “Uyazi, ngempela uNkulunkulu ulunge kakhulu ukuthi angakulimaza. UNkulunkulu. . . Ngempela awuyikufa. Uyazi UnguNkulunkulu olungileyo.”

¹⁸⁰ Sizwa kakhulu kakhulu ngalokho namhlanje. UnguNkulunkulu olungileyo. Kodwa, ukuze abe ngolungileyo, Uzofanele abe nobulungiswa, futhi. Yilokho okuMenza olungileyo. Akasiyo intengentenge. UnguNkulunkulu.

¹⁸¹ Futhi manje, “UNkulunkulu ulunge kakhulu ukuba enze lokho kuwe.” Futhi uyaqala, wathi, “Ngani, uyohlakanipha. Uyoba nemfundo. Uyokhalipha futhi uhlakaniphe. Uyo—uyokwazi izinto ongazazi manje.” Niyabo?

¹⁸² Wayedingeka kuphela azi into eyodwa, leyo kwakuyiZwi. Asidingeki ukuba sibe neZiqu zobuNgeweti, nePh.D., neLL.D., nazo zonke lezi ezinye izinto. Yazi nje iZwi likaNkulunkulu. Umntwana olula kunabobonke, angazifunda, angayazi, azi.

¹⁸³ Kodwa, ukuzindla, futhi batholani na? Batholani na? Khona lapho babhidlika. NoSathane wazi ukuthi wayesehlulile isizwe sabantu khona lapho. Futhi yilapho abehlule khona selokhu kwasukela ngaleyonkathi.

¹⁸⁴ Yingalesosizathu uAmose efika. Ngoba, ukuthandwa ngabantu nemibono ethandwa ngabantu, nokahle, umongameli omkhulu noma inkosi, futhi wayelethe impumelelo. Abantu bayothengisa ngezimpilo zabo ngenxa yengxovangxova kabhontshisi, njengoEsawu. Angizami ukulimaza, kodwa ngizama ukwenza iqiniso.

¹⁸⁵ Nina beDemokrasi intando yeningi nathengisa ngobuzibulo benu kungekudala. Kunjalo. Futhi angisuye oweRiphablikeni abadla ngoludala. NgingumKristu. Kodwa, mfowethu, ihlazo elinje pho! Futhi kwadingeka nithathe umshini ongaqondile ukuba ukuvotele kungene kanjalo. Kodwa yilokho iMelika eyayikufuna. Banakho. Ngokwejwayelekile uninika enikufunayo.

¹⁸⁶ Nkulunkulu, nginike iZwi laKho. Yilokho engikufunayo. “Mangifihle iZwi laKho enhliziyweni yami, Nkosi, ukuba ngingoni kuWe.”

187 O, abanye bayazindla. Kodwa, niyabo, uAмосe wayengenakuzindla, ngoba wayengumprofethi. IZwi liza kuye. Qhabo.

188 Kuyafana njengeZwi namhlanje, ufanele uLihumushe, dedela uMoya oNgcwele aLihumushe ngokuLiqinisekisa empilweni yakho.

189 Yilokho okwashiwo, ini, niyazi, uJeremiya wathi ku—kumprofethi uHananiya. Wathi, “Nxalawomprofethi ekhuluma, nakushoyo kubonakaliswa, khona-ke abaprofethi babazi ukuthi wayeqinisele.”

190 Ukuba uAмосe waye lapha, yini enicabanga ukuthi wayeyoyenza na? Wayeyo—wayeyohlala neZwi. Yilokho ayeyokwenza. Niyazi ukuthini? Wayeyositshela ukuthi sifundiswe sasuswa esisekelweni seZwi likaNkulunkulu lasekuqaleni. Wayeyositshela ukuthi siqhele kude eBandleni lasephentekoste. Yilokho ayeyositshela khona thina maPentecostal. Athi, “Manje, babecishe impela babe neminyaka engamashumi amahlanu ukunifaka egiyeni, futhi anikaze nifike lapho namanje.” O, wayeyothini esizotheni samahlelo na? Awu, o, uma wayengezukuphila lokho, uma wayengezukuwadwengula amabandla, ngokungabi nazimilo kwawo, ngokuvuma izivumokholo, kujoyinwa ibandla esikhundleni sokuzalwa kulo!

191 Awu, uma uzalwa kulo, mfowethu, dade, uziphatha ngokwehlukile. U—uhlala neZwi. Uma uMoya oNgcwele ukuwe, Wondla kuphela ngeZwi. UJesu wathi, “Akusinkwa sodwa umuntu ayakuphila ngaso, kepha ngamaZwi onke,” hhayi ingxenye yeZwi, “kepha ngamaZwi onke aphuma emlonyeni kaNkulunkulu.”

192 Yena, engumprofethi, wayeyoyibona lento phakathi kithi. Yo... UAмосe wayengumprofethi.

193 Manje sengizovala, emzuzwini, kodwa ngifuna ukwenza leziziphawulo zinamathele uma ngingakwenza. Ngizokusho, noMoya oNgcwele uzofanele ukwenze kunamathele. Ngifuna ukunibuza into ethize.

194 Uma uAмосe efika lapha kulobubusuku futhi wama kulomsamo, uma ehambe wehla wenyuka ngezitaladi zasePhoenix, wayeyobona phakathi kithi namhlanje, odabeni lwethu lukazwelonke, ezweni lebandla lethu, wayeyoyibona yona impela into ayibona eSamariya: kunikelwe ngakho konke phezu kwezimilo ezimbi, kuqhelile eZwini likaNkulunkulu. Wayeyobona lona impela iqembu lezenkolo. Ababayilo, bonke, abakwaIsrayeli. Kodwa wayeyobona i—isimilo esibi, ukuba nesimilo esibi. Wayeyobona—wayeyobona ezenhlaliswano nokubola kwesimilo esibi phakathi kwabantu. Wayeyobona ukubola kwesimilo esibi phakathi, esizweni. Wayeyobona ukubola kwesimilo esibi

ngokweZwi. Wayeyobona ukuphinga ebandleni. Angichazi... Ya, kokubili; komzimba, futhi ubeyobona ukuphinga ngokomoya. Ukuthi bebeyozithatha kanjani izivumokholo zomuntu phandle lapha, njengezivumokholo zomuntu, futhi bezivuma esikhundleni seZwi, lokho ngukuphinga ngokomoya ngokumelana noNkulunkulu. IZambulo 17 kusho njalo, ukuthi bona, lesisifebe, senza isono, ngoba, “Ngezinengiso zaso senza umhlaba uphuze okwewayini lolaka lwaso.” Yebo. Siyabona ukuthi kwakuyokwehluka ngakho konke. Wayeyokubona, ukubola kwesimilo esibi.

¹⁹⁵ UAmose akazange asole uhulumeni, nokho. Lalelani. UAmose akazange asole uhulumeni, kuwo wonke owomBhalo wakhe. Kodwa wasola abantu ngokukhetha uhulumeni onjalo. O, benginga...

¹⁹⁶ Senikhathele na? [Ibandla lithi, “Qhabo.”—Umhl.] Awu, bambelelani nje umzuzu. Niyabo?

¹⁹⁷ Ningamsoli uhulumeni wenu. Uhulumeni angeke akha indlu edwaleni abantu evotela isihlabathi. Abantu uyasifuna.

¹⁹⁸ Futhi izikhathi eziningi ngisho izinto epulpiti, ngibe ngazi ukuthi abazalwane bami uhlezi khona lapho, abefundisi, amadoda alungileyo. Ngikhuluma kubo, ngibafake ekhoneni. Futhi kungumsebenzi engiwumiselweyo, ukwazi lezizinto, ukutshela abazalwane bami. Futhi ngixoxa kubo. Bathi, “Mfowethu Branham, siyazi uqinisile, kodwa ibandla lami belingaphuma.” Niyabo? Niyabo? Kuyilokho enikufunayo. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] Niyabo? Ningeke. Ngabantu.

¹⁹⁹ Manje, uma nicabanga ukuthi bengingaqala isakhiwo ezansi lapha esitaladini futhi ngithengise, amanenekazi namhlanje, lezo eziyifeshini endala, eziphakeme ngaphezulu, izicathulo ezinezintambo na? Mhlawumbe zinesikhumba esiningi kuzo kunaso—kunaso sonke isitolo sigwele esinazo namhlanje, ipheya elilodwa. Kodwa uma ngizithengise ngofifti sente ipheya, bengiyobulawa yindlala. Ngani na? Anizifuni.

²⁰⁰ Uma ngithengise lezo eziyifeshini endala, iziketi zikaMama Hubbard kwabesifazane namhlanje, nicabanga ukuthi bebengazithenga na? Impela qha. Bafuna into ethize abangazithululela bona kuzo, okubukeka njengesikhumba kwisoseji. Ba—bafuna nje ukumpintsheka kakhulu. Bheba ngesitaladi, cishe amazinga amane noma amahlanu ehlukeni, beziphushele phakathi, beziphushele ngaphandle, eziphakanyiswe ngemuva epheya lezithende, ikhanda labo leluliwe. Lokho ngukuthi, angikuqondile lokho kube yihlaya. Lena akusiyo indawo yehlaya. Kodwa lelo yiqiniso. Anginayo imfundo ekahle. Yileyo ndlela kuphela engingenza ngayo izwi lami, nazi, niyazi ukuthi ngikhuluma ngani. Niyabo? Manje, kuqinisile. Bebengeke bazithenga lezozingubo.

201 Ngobunye ubusuku emsamo, owesifazane omncane oyiNdiya wenyukela lapho. Ngangifuna ukuxhawula isandla sakhe esincane. Enhla ebandleni likaMfowethu Groomer, noma ngabe kwakukuphi. Wayegqoke ingubo njengoba umama wami wayegqoka. Ngacabanga, “Awu, ayibusiswe inhliziyo yakho, nenekazi.” NeNkosi yamphilisa khona lapho, engakafiki ngisho nakimi. U. . . Niyabo? Ngacabanga, “Kungcono ngi—ngi—ngizithulele nje.” Niyabo? “Lindani nje kuze kufike umcimbi, ngesinye isikhathi.” Niyabo? Futhi nakho kwakulapho.

202 Awu, ubungeke uzithengise lezozingubo. Ubungahle uzithengisele iNdiya, futhi hhayi amaningi kakhulu awo. Aseya ngokuthi axege nje njengabo bonke abanye babo. Ninezinhlelo eziningi kakhulu zetelevishini. Nabantwana benu bephuma, nabanye balaba besimodeni, abamhlophe, othisha besikole bengena, nawo wonke lona omunye umbhedo. Ubuyoba ngcono, ukuba wawusemuva phandle ngaleya njengoba wayenjalo uSitting Bull nabo, kudala.

203 EAfrika, ngenkathi sasinohlanga lwamakhaladi lapho, benzani na? Zawelela lapho, lezozithunywa zenkolo, kuyafundwa, kuyabhalwa, nezibalo. Ngenkathi e. . . Ngani, bona, bazi kakhulu ngezimilo, ezizweni zabo, kunoma beningake nize nazi, ubuKristu buze bulethe kubo. Kunjalo. Uma noma yimuphi walabo besifazane phandle lapho, uma yena esizweni samaZulu, uma elinda ubudala obuthize ukuba ashade, futhi engakashadi, omunye engakamthathi ukuba abe ngumfazi, uzofanele aphume lapho. Akasesuye owendoda yesizwe. Qhabo, mnumzane. Futhi uma eseshada, uhlololwa ubuntombi bakhe. Futhi uma etholwa enecala, uzofanele asho indoda ekwenzile, futhi babulawa bobabili, kanyekanye.

204 Kodwa inqwaba yokubulala ngapha ukuba sasinalolohlobo lokuhleleka. Anicabangi na? Kunjalo. Bebengeke babe nabangcwabi abenele ukungcwaba abesilisa nabesifazane. Impela. “Kodwa nifile, empeleni, futhi anikwazi.” Ngakho yileyo inkathazo yakho. Niyabo? Kodwa manje, okuningi kangaka, kunjalo.

205 Bese-ke nenzani na? Babawelisela lapho bese bebefundisa isikole. Bese-ke ubathola esitaladini. Banezono zabo uqobo zesizwe, ababenaso; futhi bayangena, bathatha izono zomlungu; bese kuthi-ke bangumntwana wesihogo ngokuphindwe kashumi kunalokho ababeyikho ukuqala ngakho. Into kuphela abayidingayo nguKristu, ukuba bahlale lapho bekhona. Kunjalo.

206 Yileyondlela ngeNdiya lakithi elingumMelika. Noma ubani engimdabukelayo, kulesisizwe, yileloNdiya. Ngempela lalinokuphatheka okubi kukho! Angi. . . Ngingumuntu oyedwa nje, kodwa ngingakuwo. Yebo, mnumzane. Uma iNkosi ike ize ingibize emasimini, ngokuphatheka kanje, nomlayezo wami

usuphelile; Ingiyekela ngiphile noma yisiphi isikhathi eside ngokuthe xaxa, ngiya emaNdiyani. Yebo, mnumzane. Yebo, mnumzane. He!

²⁰⁷ Siyabona ukuthi uAmose wayeyokwenzani nxa ebizela phandle. Inqubo yethu yonkana yayiyolahlwa. Impela ngeke. . .

²⁰⁸ Uhulumeni angeke akhela (ukuphawula kwami bekunjalo) phezu kwedwala, isizwe sibe sivotela isihlabathi.

²⁰⁹ Nizolakhela kanjani ibandla lenu phezu kweDwala na? Uzoke ame kanjani umshumayeli epulpiti futhi ashumayele iDwala, bese elakhela phezu kwemisuka yeVangeli eligcwele, zibe izethameli zakhe, abanye babantu bakhe phandle lapho, beyomkhiphela phandle na? Manje, ngisola umshumayeli ngokungabi nasibindi, noMoya kaNkulunkulu, ngokuvala umyango nje, athi, “Thola omunye umuntu ozomela lezozinto futhi hhayi mina.” Ngi—ngiyamazisa umshumayeli obeyokwenza lokho.

²¹⁰ Kepha maye kuleyonhlangano yebandla nxa indoda kaNkulunkulu egcotshiwe izama ukuba lethela iZwi, bese kuthi-ke bengayikulayina naLo. Kunjalo. Izoba kanjani nebandla ukuthi zonke iziphiwo eziyisishiyagalolunye zisebenza kulo, nokunye nokunye, bese kuthi-ke, bona nalokho, nebandla lingayikuphila ngisho—ngisho nangokuhloniphekile nangokuba nesimilo esihle, bengayikubafunda oABC babo beVangeli na? Bese-ke bethi, “Ukuba nganginomshumayeli ongcono!” Ngani, yiphutha lakho. Kunjalo.

²¹¹ Yiphutha lesizwe sakithi, amaMelika akithi, ukuthi siza ngapha senzela inkululeko yenkolo. Sisuka kukuphi na? Futhi sibuyela khona ngqo, futhi sifaka kwikomkhulu lakithi yona impela into esayiwelela lapha ukuba sikhululeke kuyo.

²¹² Lesisizwe sifana ngakho konkana noIsrayeli. Bona, uIsrayeli, uza ungena ePalastine, waxosha abahlali wayesethatha izwe. Abokuqala, babenamanye alungile—alungile, amadoda phezu kwabo. BabenoDavide, noSolomoni, namadoda amakhulu. Ekugcineni, emva kwesikhashana, baqhubeka nokuvotela, futhi befuqela phakathi, futhi bekukhetha ukuba kungene, baze bathola uAhabi ezansi lapho, owashada nomhedeni. Manje, uAhabi wayengumfo olungalungile. Ngabe. . . Wa—wayefuna ukwenza kahle, kodwa akakwazanga ukwenza kahle, ngenxa yalowo wesifazane wakhe.

²¹³ Manje, angimelene ngalutho nendoda ebengikhuluma ngayo emizuzwini embalwa edlule. Ingahle ibe yindoda elungileyo. Kodwa yileyonqubo yalesosifebe emva kwayo, esisonta intamo yayo. Yileyonto ezokwenza. Ingena nje njengokuba kalula njengoba ingenza, kanjalo, futhi ibanekisa yonke into phansi.

²¹⁴ Benazi yini ukuthi si—manje si. . . Isikweletu sethu sikazwelonke sikhulu kakhulu, sesize sikhokha emalini

ebolekiwe, esuka ezinteleni esiyozithola eminyakeni eyishumi nane kusukela namhlanje. Kuzokwenzekani nxa lenqubo ibhidlika na?

215 UCastro, impela, ngimelene naye. Uyikhomanisi. Kunjalo. Ngimelene naye. Kodwa wenze into enhle ngenkathi eshintsha uhlamvu lwemali wayesebuyisela igolide emuva, wathenga izimali ezibolekiwe amabhondi wayesebuyisela igolide emuva.

216 Sizofanele senze lokho, kungenjalo yinye into enamathele ebusweni bethu, lokho ngukuthi, ukuthi ibandla eliKatolika liphethe umcebo wezwe. Linemali. Linegolide, ukuthenga izimali ezibolekiwe amabondi ethu abuye futhi. Kunjalo impela. Futhi nicabanga ukuthi laba abathengisi bowiski, nabathengisi bakagwayi, nabantu abakhulu bezwe abayikuthengisa, ukuba bavimbele ukulahlekelwa yilo lonke ibhizinisi labo futhi belwenza-mbumbulu uhlamvu lwemali na? Bayobuyela ngqo emuva bese bethatha leyomali ebandleni eliKatolika, khonake selithengisiwe. Kunjalo. Alikubikezeli yini iBhayibheli lokho, “Umcebo wezwe”? Angisuye usombusazwe, kanjalo angisiyo indoda ekhaliphile, kodwa ngiyayibonga iNkosi ngiyaYazi. Futhi kunjalo. Yilapho elizolala khona, khona lapho. Kubhekisiseni. Bhekisisani futhi nibone ukuthi lokho akunjalo yini. Nje. . . Ngithemba ukuthi sonke siphile ukuba sikubone, futhi angicabangi ukuthi siyodingeka siphile isikhathi eside kakhulu.

217 Kodwa nizokwenza kanjani na? Sizolakha kanjani ibandla na? Sizosakha kanjani isizwe na? Sizosakha kanjani isizwe phezu kwalokhu manje na? Sizokwenzani ngakho na?

218 Mhlawumbe kungcono ngithule, ngiye kwenye indawo. Kodwa, niyazi, sengisho okwenele senize niyakwazi engikhuluma ngakho. Niyabo? Niyakwazi engikuchazayo.

219 Bukani ukuthi sifunani. Nina, niyakubona enikufunayo na? Yilokho enikutholayo. Lokho yizifiso zenu.

220 Bukani izinhlelo zethu zetelevishini namhlanje, azihlungwa. Kwakuvame ukuthi, kwakungalungile kubantwana bethu, sasingabavumeli behlele e—edolobheni futhi babone amabhayisikobho, imibukiso yezithombe. Kodwa manje uDeveli usephendule lokho kwajika kwabuya ngqo futhi—wakwenza itelevishini, wayesekubeka kuzo zonke izindlu.

221 Futhi lokho bekuyoba kahle, itelevishini ikahle, uma beninento ekahle kuyo. Impela, injalo.

222 Kodwa nenzani na? Iya ngokuba ngumbola kakhulu ngehora, kusetshenziswa igama likaNkulunkulu, kuthukwana, kuqalekiswa, abesifazane abanqunu, izenzo zezimilo ezimbi, lokho kufaka uphoyizeni umqondo walababantwana, sesize sakhulisa isigejane sabashayi, kunjalo, izigebengwana. Kuyiqiniso impela. Ungahle uzibukele khona nawe.

223 Sonke isizwe sakithi siphendukela ekubeni yisigejane sezigebwana. Noma yimuphi umfana ohamba ejikeleza nezimbilijisi zakhe zitebhiswe ezinqulwini zakhe, nekhandaliqethukile, nezinwele zakhe zilenge zayoshaya entanyeni yakhe njengokugunda ikhanda izinwele zibe yinkimbinkimbi kukaNkk. Kennedy, futhi ahambe ejikeleza kanjalo, njengesigebwana, bese kuthi-ke ubiza lokho ngomMelika na? Niwile emseni. Phendukani futhi nijike nibuyele kuNkulunkulu, kungenjalo nizobhubha. Yilesosizathu, si-sifuna ukuthola umuntu othize phakathi lapha ozosiyeka senze noma yini esifuna ukuyenza. Kunjalo.

224 Kungaleyondlela ngamabandla. Afuna ukukhetha afake umelusi, hhayi umelusi oyoma lapho bese eshaya iVangeli kubo. Kodwa afuna umuntu othize oyowayeka azelulele esudwini yokubhukuda, futhi adlale umdlalo wamakhadi ekamelweni elingaphansi, futhi aphile noma ngayiphi indlela afuna ukuyiphila, izinhlelo zetelevishini zomsakazo ezingahlungiwe, ezicasulayo namanyala, ejoyina ibandla nezwe ndawonye.

225 Akumangalisi uAmose wayeyodazuluka amelane nelezozinto. Nicabanga ukuthi abantu babeyomemukela ngenkathi bevotela into ukuba ingene ngqo na?

226 Uma umelusi eshumayela ngaphezu kwemizuzu engamashumi amabili, ibhodi yabaphatheli imbizela ngale egumbini bese ithi, “Buka lapha, melusi. A—asikulethanga lapha ukuba wenze into ethize enjengaleyo. Sinohlelo lwemizuzu engamashumi amabili. Nxa lokho sekuphelile, liyeke lihambe.”

227 Adinga ukukwenza ngukukhahlela lesosigejane sabaphatheli siphume ngomnyango, bese ethatha iBhayibheli bese eshumayela ubusuku bonke, njengoba kwenza uPawulu, bese ebona ukuvuka kwabafuleyo. Impela. Bayamkhipha esakhiweni; ikhona lesitaladi lilungile. “UNkulunkulu angenza kulawamatshe. . .”

228 Itelevishini, imibukiso yezithombe engahlungiwe, ukungcola, amanyala, futhi kwenza isibonelo. Bukani abantwanyana bethu abancane namhlanje. Bukani amantombazane ethu. Bonani abafu abancinyane bevela esikoleni, bengakevi eminyakeni eyisithupha ubudala, eyisikhombisa, eyisishiyagalombili, bokhela osikilidi. Kungani na? Umama wabo ngaphambi kwabo mhlawumbe ukwenzile. Uma bengakwenzanga, khona-ke abanye babantwanyana abazihlanganisa nabo. Bhekisisani ukuthi abantwanyana bakho badlala nobani. Kunjalo. Lapha ngolunye. . .

229 Esikhathini esithize esedlule, unkosikazi uyakwazi, sasihlezi etafuleni. NoJoseph wami omncane walithi phahla igama elalingenza itilosi elidakiwe libe namahloni ngalo. Ngajika. Ngathi, “Yini leyo?” Nomama kwathi akaquleke. Umfo omncane wayebukeka engazi lutho olubi.

230 Wathi, “Yin’indaba, babayi?” Nezinyembezi ezinkulu emehlweni akhe.

231 Ngathi, “Ungalokothi usho into enjengaleyo.” Wayengazi ukuthi konke kwakumayelana nani. Sithola ukuthi, abantwanyana esikoleni wayesebenzisa lelogama elingcolile. Ngathi, “S’thandwa, lokho ngokukaDeveli.”

232 Niyabo, nakho lapho okhona, abantwanyana bakho. Sekufike endaweni nje, mfowethu, sekuze kube nje ngukuqhudelana okunonya, isibumbatha esinje pho sesono. O, he! Izinhlelo zetelevishini, abathanda isono, abathanda injabulo! O, he!

233 “Imizuzu engamashumi amabili mide ngokwenele. Ngifanele ngibone umbukiso wakamuva.” Niyabo? “Sheshisa futhi ukhiphe lokhu lapha. Ngifanele ngikwenze.” Niyabo? Bayenzile inkolo yabo. Behlela lapho, nalokho kwenele.

234 Kodwa, ngiyanitshela, owesilisa wangempela noma owesifazane ozelwe nguMoya kaNkulunkulu uyohlala ihora nehora, ephuza eZwini likaNkulunkulu. Akusikho lokho kuphela, kodwa nxa kushaya lapho, kugxilisa okwehange futhi kushintshe impilo. Amen. Yebo.

235 Yizifiso zabantu bakithi. Konke ukuhleleka kwethu konakalisiwe futhi kwaboliswa. Yizimfuno zabantu bakithi.

236 Uthatha owesilisa olungileyo, sithi, njengowesilisa olungileyo, umfake emndenini oyisigejane sabathanda injabulo, bayohola lowo wesilisa abe yimpilo yenja; noma, owesifazane olungileyo, omunye phakathi kwabo, ubafake emndenini oxovekile. Ngani, wonke umndeni ufanele uzinikele kuNkulunkulu. Kungumsebenzi wethu ukuba sikhuleke, abantwana bethu baze basindiswe, sigcine indlu yethu ihlekile. Ya.

237 Siyinto ethize njengoba uIsrayeli enza, owenza umbimbi nezitha zabo. Kuqala, bafanele badede eZwini ngaphambi kokuba bakwazi ukwenza lokho. Futhi nje kuyakhombisa ukuthi iMelika isidede kangakanani eZwini.

238 Niyazi, u—uzofanele uphike iqiniso ngaphambi kokuba ukwazi ukukholwa ngamanga. Kunjalo. Yilokho impela. UEva kuqala wafanele aphike iZwi likaNkulunkulu ngaphambi kokuba akwazi ukuthatha amanga kaSathane. Bafanele badede eZwini ngaleyonkathi, kuyafana manje, beyekela iRoma yengamele ingadubulanga-nhlamvu. Abalazi iZwi likaNkulunkulu ngalezizinto. Iyilokho-ke inkathazo yakho.

239 Sidinga ukuvela komprofethi weqiniso, asibuyisele eZwini. Kunjalo. Siyethenjiswa oyedwa. Siyethenjiswa lokho. Yebo, impela. UMalaki 4 wathi uyovela. “Futhi uyobuyisela ukuKholwa kwabantu kubuyele kulabobaba bephentekoste futhi.”

²⁴⁰ UAmose wayazi ukuthi abathandi bokungamesabi uNkulunkulu bakaIsrayeli kwakuyothi suku lumbe bambhubhise. Manje ake ngisho lokhu ngenhlonipho yokuzithoba. Lenzenjalo nekhohla namhlanje liyazi ukuthi izwe, lo abathandi bokungamesabi uNkulunkulu baseMelika, uzoyibhuhhisa. Uthando lwenu lwezombusazwe! Ngizokuyeka nje lokho kugxilise okwehange umzuzu. Lokho kuzobhuhhisa isizwe. Nothando lwenu lwezwe, ningenyusani neZwi futhi nizama ukwenza lokho okulungileyo, kuyobhuhhisa ibandla. Kunjalo impela. Ngithemba ukuthi lokho kutholiwe. Ibandla laliMshiyile, lashiya iZwi laKhe lokuPhila. Izwe lonke likhubeka kukho, njengetshe lesikhubekiso. Benza into efanayo namhlanje. Yebo. Ukuba uAmose wayelapha, wayeyomemeza amelane nayo yonke inqubo.

²⁴¹ Manje, sengivala, ngifuna ukusho lokhu, evesini 8. Lalelisisani. Wathi, “Nxa ingonyama ibhonga, ubani ongesabe nxa ingonyama ibhonga na?”

²⁴² Futhi ngizizingelile izingonyama. Ingonyama iyinkosi yezilwane. EAfrika ngilale phandle lapho kulezozingwadule, ngesikhathi sasebusuku, phansi kwalobotshani obuncane, noma kwakungonamathela.

²⁴³ Ingonyama iyogxumela ngqo ebusweni besibhamu esidubulayo. Ayikwesabi lokho, kodwa ayiyikusondela eveni. Niyizwile inganekwane. Kodwa, lokho kuqinisele, ingonyama ayiyikusondela eveni. Bakha amaqhugwana ameva kanjalo, nengonyama ayiyikugxumela kulo. Ngeny’indlela, ibingathola, ingene ngqo.

²⁴⁴ UBilly nami. Ngiyakhumbula ngilele phandle lapho ngobunye ubusuku, futhi ngizwe umlomo wayo omkhulu omdala ihamb’izungeza ngqo, iqhele *kangako* ekhanda lami, niyabo, kodwa yayi—yayingekwazi ukusondela. Ingaphansi lesidladla sayo esikhulu esidala, esithi asibe *ngako*, ihamba izungeza phansi.

²⁴⁵ Futhi ungezwa yonke into kusukela ezimpisini, impisi emabalabala, impisi ekhalayo, futhi—futhi zi—ziyadazuluka. Futhi—futhi uzwa izimfene, izinkawu, ne—nezindlulamithi, nezindlovu nalokho kunswininiza kwazo okukhulu no “hwii.” Ungazizwa amamayela. Nezilokazana namabhungane azo zonke izinhlobo kwenza imisindo yakho. Kodwa nje ake udedele ingonyama ibhonge ebangeni, ngisho namabhungane ayayeka ukumpongoloza. Ayalalela. Ngani na? Yinkosi yazo. Ziyayilalela.

²⁴⁶ IBhayibheli lathi, “Nxa uNkulunkulu...Nxa ingonyama ibhonga, ubani ongayikwesaba na? Futhi nxa uNkulunkulu ekhuluma, singavimbeka kanjani ekutheni siprofethe na?” Singavimbeka kanjani kukho na? Nxa uNkulunkulu ekhuluma,

umprofethi umemeza iZwi elikhulunyiwe. Futhi uma LiyiZwi likaNkulunkulu. . .

²⁴⁷ Nengonyama iyabhonga; amabhungane, yonke into, iyathula, ngoba ziyesaba. Inkosi yazo—yazo—yazo i—iyakhuluma. Zino—nomuzwa owenele, ukuba nesibindi, nokuhlonipha okwenele, ukuhlonipha inkosi yazo nxa ikhuluma.

²⁴⁸ Ngakho, uNkulunkulu ukhuluma ngeZwi laKhe, futhi makuthi zonke izidalwa zokudaliweyo kwaKhe zinake. Uyakhuluma ngalolu izinsuku zokugcina. Uveza iZwi laKhe. Futhi makuthi zonke izidalwa ezingezoMbuso waKhe zinake kulokho Akushoyo. Zime. Zihlole. Uyabhonga manje, ubhonga ngeZwi laKhe eliqinisekisiwe. Uzazisa Yena uqobo. Nxa Ebhonga ngalezizinsuku zokugcina, asinake, futhi sazi ukuthi ikhona into ethize elungiselela ukwenzeka, sazi ukuthi uNkulunkulu akakwenzi neze lokho ngaphandle kokuthi kuqala Akubhonge akuveze. Nxa Ebhonga ekuveza, khonake into ethize ilandela lokho kubhonga, yebo, ngoba Uyeza uyakuveza-ke.

²⁴⁹ Wathi, “I—i. . .Ingonyama iyabhonga manje ngaphandle kwesizathu na? Ibhongo lengonyama liyakhala, liphuma emgedeni, ngaphambi kokuba lithathe noma yini na?” Niyabo?

²⁵⁰ UNkulunkulu unesizathu sokubhonga, ngoba Uyazi ukuthi ukwahlulelwa sekuseduze. Futhi, iZwi laKhe, iZwi laKhe lingumprofethi. Unguye. “Lesi yisiprofetho sikaJesu Kristu.” Yisambulo, uNkulunkulu ezembula Yena uqobo kithi ngeZwi laKhe elilotshiwe. Futhi UyiZwi. Futhi, manje, *leli* yiZwi laKhe. Akukho okungenezelwa kuLo noma kususwe kuLo, kodwa Lifanele liphilwe futhi liqondiswe ngendlela nje eLiyiyo. Asilokothi, sisuse noma yini kuLo noma senezele noma yini kuLo. UNkulunkulu usalokhu enguNkulunkulu. Uyabhonga.

²⁵¹ Wathi, “Njengokuba kwenzeka emihleni kaNowa, kuyakuba njalo ekufikeni kweNdodana yomuntu. Babedla, bephuza, beganwa, bendiswa, izimilo ezimbi.”

²⁵² “Futhi njengokuba kwenzeka emihleni kaLoti,” Weza Yena uqobo ngomzimba wenyama, futhi Waziqinisekisa elapho kuAbrahama. Wathi, “Kuyakuba njalo ekufikeni kweNdodana yomuntu.” Bhekisisani ngalezizinto. IziNkanyiso zakusihlwa ziyakhanya.

²⁵³ O, ukuba besinoAmose enkundleni namhlanje, simdedele abhonge aveze, ubeyoziqhumisa phansi izinqubo zethu namasiko ethu, neZwi likaNkulunkulu beliyogibela ngokunqoba.

Asikhuleke.

²⁵⁴ Baba waseZulwini, khuluma futhi. Bhonga uvele, Nkosi, ngoMoya oNgcwele. UngumProfethi wehora. UngumProfethi

wosuku, ezama ukuthola indlela yaKhe ingene ezinhliziyweni zabelilisa nabesifazane, ukuthi Ubengakhuluma iQiniso. Ngijabula kakhulu ukuthi Uyabathola abanye. Ngiyakhuleka, Baba waseZulwini, ukuthi Uzothola abaningi phakathi lapha kulobubusuku, ukuthi Angasebenzisa omunye olungele ukuhlonipha ngokuzithoba. Nxa bezwa ukubhonga kukaNkulunkulu usomandla kuphuma ngeZwi laKhe, ukwahlulelwa sekuseduze.

²⁵⁵ Nxa ingonyama ibhonga, iyavela. Sonke—sonke isidalwa siyazi ukuthi kungcono sicashe, ngoba inkosi iza ngaphambili.

²⁵⁶ Nkulunkulu, sinendawo eyodwa kuphela ephephile, nxa iNkosi yamakhosi ibhonga, lelo yiGazi likaJesu Kristu. Sinendawo ephephile. Ngiyakhuleka, Baba waseZulwini, ukuthi Uzokhuluma ezinhliziyweni kulobubusuku. Futhi ubazise ukuthi baphila emathunzini okuFika kukaKristu, nxa izizwe zibhidlika, nezinto ziyaqhubeka, zalokho eziyikho. Futhi, nokho, esihawini saKho esithambile. . .

²⁵⁷ Sone kakhulu impela, kubonakala sengathi Ubungasifulathela ngomhlane waKho, futhi usiyeke simuke. Kodwa, noma kunjalo, njengoba Wawunjalo emuva lapho eEdene, Wenza indlela yokuphunyuka. Wenza indlela yokuphunyuka kukaNowa. Wenza eyodwa kaMose, nekaDanyela, abantwana bamaHeberu. Wena, Wenza indlela njalonjalo. Nalabo abaYitholayo, bahamba ekuKhanyeni kukaNkulunkulu futhi banokuPhila. Labo abaKwenqabayayo, bayahlalwa futhi bayantshingwa.

²⁵⁸ Ngiyakhuleka, Baba waseZulwini, abazukubakhona abalabo phakathi lapha kulobubusuku, ontshingwayo. Kwangathi ngobumnandi bezwe ukubhonga kukaNkulunkulu, uMoya oNgcwele ukhuluma phansi ezinhliziyweni zabo, futhi uthi, “Lona yiMi. Ningesabi. YiMi.” Ngokuba sikucela eGameni likaJesu. Amen.

²⁵⁹ Ngizogodla ukubizela ealtare cishe imizuzu eyishumi. Ngileyithi kancane. Kodwa ngikholwa ukuthi uBilly unikezela ngamakhadi omkhuleko ubusuku obuthi abube bubili obedlule, noma into ethize enye, enhla kwaMfowethu Groomer. Futhi ngicabanga ukuthi ubewanikezela izolo ebusuku. Angizange ngiwabize. Angi. . . Ngiqagele uyawanikezela futhi kulobubusuku. Angazi noma ngabe wenzile noma qha, kodwa asibize amanye alawomakhadi. UMfowethu Groomer ukhona na? UGroomer? Qhabo, qhabo. UGroomer. Ukhona na? Siqalephi na? Siqale kwele. . . Asiqalanga yini ngelokuqala, enhla lapho na?

²⁶⁰ Izolo ebusuku, besingenawo amakhadi omkhuleko. Si. . . UMoya oNgcwele uphume nje ngqo wadabula ezethamelini wase ubiza abantu. Niyakuthanda lokho na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Ngiyakuthanda, nami. Nokushumayela

kanzima njengalokhu, ukuthi mhlawumbe ngimanqikanqika kancane kukho.

²⁶¹ Ngi—nginikeze abantu ikhadi lomkhuleko, ngibophezelekile ukukhulekela lowomuntu. Yilokho kuphela. Uma singenakho ukubona okufihlakele, lokho kulungile. Kodwa ngibophezelekile ukukhulekela umuntu. Indodana yami inikezela ngekhadi lomkhuleko, ngi—ngifanele ngimkhulekele lowomuntu. Yilokho kuphela. Ngakho, ngi—ngizwa ngaleyondlela. Ngizokwenza, uNkulunkulu engisiza. Ngingakasuki ezweni lapha, ngizo—ngizokwenza lokho.

²⁶² Manje, singeke sathatha isikhathi eside kakhulu. Asibone, siqale kusukela kwelokuqala kuya kwelamashumi amabili-nanhlanu, ngikholwa ukuthi bekuyilo, lobobusuku. Ya, elokuqala kuya kwelamashumi amabili-nanhlanu. Ngi... Mfowethu Groomer, ukhona na? Mfowethu Groomer na? Angilibizi lelo kahle. Kodwa ngicabanga ukuthi lelo likahle. Elokuqala... .

²⁶³ Awu, asiqale ngale kwenye indawo kulobubusuku. Asiqale, asiqale kwelamashumi ayisikhombisa-nanhlanu, ke, kuya ekhulwini. Ubani onekhadi lomkhuleko lamashumi ayisikhombisa-nanhlanu, phakamisa isandla sakho. Asibone uma... . Awu, kunjalo. Lokho kuhle. Kulungile, yenyukela lapha, nenekazi. Amashumi ayisikhombisa-nanhlanu, amashumi ayisikhombisa-nane, amashumi ayisikhombisa-... amashumi ayisikhombisa-nanhlanu nje. Manje amashumi ayisikhombisa-nesithupha, amashumi ayisikhombisa-nesikhombisa, amashumi ayisikhombisa-nesishiyagalombili, amashumi ayisikhombisa-nesishiyagalolunye, amashumi aisishiyagalombili, amashumi ayisishiyagalombili-nanye, amashumi ayisishiyagalombili-nambili, amashumi ayisishiyagalombili-nantathu, amashumi ayisishiyagalombili-nane, amashumi ayisishiyagalombili-nanhlanu, amashumi ayisishiyagalombili-nesithupha, amashumi ayisishiyagalombili-nesikhombisa, amashumi ayisishiyagalombili-nesishiyagalombili, kuqhubekele ekhulwini. Mabeze lapha. Uphi uBilly Paul? Ngiyaxolisa. Okeyi. Thola, yehlela lapho. Abanye abangenisi abamsize baze bangene emgqeni womkhuleko.

²⁶⁴ Manje, nonke nina abanye, bukani kimi umzuzu nje. Ya. Niyamthanda na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Asithi nje ngokushayela phansi, kamnandi sicule, umzuzu nje, ngenkathi abanye benu bafowethu abangabangenisi besehlela lapho. O, ngiyabonga. Banabo, phansi lapho, ngakho ba... . Ukuze imigqa ingezukuxubana. Ngifuna ukukhulekela lababantu. Manje-ke, kusasa, mhlawumbe sizobe sikhulekela abagulayo ngokufanayo nje, njalonjalo, kuze kuqale ingqungquthela. Futhi ngi... .

²⁶⁵ Mhlawumbe uMfowethu Roberts angahle abe nomkhuleko ulayine enhla lapho, futhi, enhla e—endaweni. Bengicabanga

mhlawumbe sobabili sinokukodwa ndawonye, oyedwa ngasecaleni elilodwa, noyedwa ngakwelinye. Kodwa a—angazi noma ngabe ubezokuthanda lokho noma qha. Angikaxoxi kuye, futhi kungcono ngixoxe kuye kuqala, niyabo. UMfowethu Oral ungumfowethu okahle, uyinceku kaKristu yangempela. Futhi ubengazithoba ngokwenele ukuba akwenze, kodwa ngithi nje ukukuzonda ukuba ngiziphose mina phakathi lapho nendoda enjengaleyo, niyabo. Ngakho nje mhlawumbe kungcono ngikuyeke kanjalo. Awu, ukuba ubengangitshela, ukuba ubengangicela, “Mfowethu Branham, woza ungisize,” benginga—bengingajabula ukwenza lokho. Kodwa, manje, ungothobile nomfowethu onomoya omuhle kakhulu. Futhi uma ubengangicela ukuba ngikwenze, mina, kusobala, bengingakwenza. Kodwa bengiyofuna ukuba angicele, kuqala, niyabo. Kungcono ngingasho lutho ngakho. Ningakuphathi kuye, manje, Nje ma—makangicele, khona-ke ngiyazi kulungile. Niyabo?

²⁶⁶ Kodwa manje—manje sizobona. Bangaki abathatha... Awu, manje, asibone. Mangaki amakhadi omkhuleko elisesakhiweni na? Asibone izandla zenu. O, kunabaningana abambalwa ngaphezulu, mhlawumbe abangamashumi amahlanu ngaphezulu. Amashumi amane, amashumi amahlanu ngaphezulu, mhlawumbe. O, ya, mhlawumbe amashumi amathathu ngaphezulu. Kulungile. Manje sizothola—sizothola...

²⁶⁷ Sizobathola. Manje si...Bamba ikhadi lakho nje, uma ungabizwa. Niyabo, sekuyimizuzu eyishumi emva kweleshumi, futhi ngi—ngifuna nibe kuSonto sikole ekuseni. Futhi mhlawumbe kusasa, sinezinkonzo ezimbili, singahle siqede impela cishe onke amakhadi esinawo-ke, bese kuthi-ke—kuthi-ke siqale kwamasha senzele uMsombuluko futhi.

²⁶⁸ Sikuphi ngoMsombuluko ebusuku na? O, sisezansi, asithi, eTucson. Ningakhohlwa ukwehlela eTucson manje, engqungqutheleni ezansi lapho. Ukhona lapha ongowaseTucson? Ya. Impela. Indawana eyingadi yezwe, impela, nifanele ukusuka lapho. UMfowethu Carl Williams uzongilandela ngalokho, ngezinye zalezizinsuku. Ngenkathi ngiqala ukufika lapha, ayengamadolobha ayizimbangi, futhi ngiyabona aseyzizo.

²⁶⁹ Sengikwejwayele lokho. Ibhola lethu, ibeysibholi, noma iqembu lebasketbholi ekhaya, lawomadolobha ayizimbangi, iJeffersonville neNew Albany, o, he, he, he! Whewu! Kunobusuku njalonjalo kungekho sigejane esikhulu sezimpi, nxa benomdlalo, khona-ke angazi ukuthi bekungaze kube kuphi.

²⁷⁰ Anjalo njalonjalo, ngiyazi, eTucson. Kodwa iPhoenix isikhule yedlula iTucson kaningi, ngiyakholwa, ngoba ngi...

Tucson, angicabangi ukuthi ingokukodwa kokuthathu kusayizi wePhoenix. Kodwa . . .

271 Sehlela lapho, ngoba banabanye abalungileyo, abantu abangcwelisiwe ezansi lapho, ngiqinisekile. Ndawo zonke engiye kuzo ezweni, ngize ngiyothi ngqu emenweni yaseAfrika, ngisabathola. O, he! Ngifisa sengathi bengingathola umkami ukuba enyukele lapha bese eniculela leluculo ubusuku obubodwa, “Bavela eMpumalanga naseNtshonalanga, bavela emazweni akude.” Manje, uzosukuma aphume ngesinyenyela ngenkathi ngisho lokho.

272 Ngakho, umesabela ukufa uMfowethu Rose. UMfowethu Rose wathi, “UDadewethu Branham ukhona. Sizomenyusa, asho izwi.”

273 Wathi, “Inhliziyo yami yeqa cishe imigxumo eyishumi nanhlanu.” Wathi, “Ngagwaca phansi.” Wathi, “Bill, uma nanini enoma yikuphi emhlanganweni,” wathi, “Ngizocasha ngempela.” Unamahloni ngempela. Ngakho, ngi—ngi—ngizwa kulokhu nxa ngifika ekhaya.

274 Ngithemba ukuthi nonke nina bantu abasha . . . Ngisho lokhu, hhayi ngoba elapha. Niyakwazi lokho, nawo wonke lowo omaziyo. Ngithemba ukuthi yonke insizwa kulesisakhiwo, nxa ishada umkayo, ukuthi ukamnandi nje kuyo, futhi nijabule ngempela ndawonye, njengoba umkami nami besinjalo leminyaka. Uma kukhona noma yikuphi ukudunyiswa ukuba kunikwe umndeni wakwaBranham, makuye kuye. Uyindlovukazi. Uyiyo ngempela. Into eyodwa, ungumama wangempela. Bese kuthi-ke bukani ukuthi yini afanele ayibekezelele, niyabo, bese kuthi-ke, awu, beni—beningamangala ukuthi lokho kuyini. Ngani, abantu emnyango, imini nobusuku. Futhi uma phakathi kwami nomphakathi, niyabo, kulapho-ke, ekhaya. Ngakho lokho kungumsebenzi ol’khuni ngempela.

275 Futhi uBilly Paul omdadlana, ngicabanga ngaye, isikhathi esiningi, ngangihamba ngimphethe, ngenkathi unina esefile, inganyana nje. UDR. Adair wayevame ukuthi, “Ungumfo oyinqaba.” Futhi ngangiba sezansi esitaladini, ngimphethe, naye ekhalela unina, futhi kuyisimo sezulu esimakhaza, niyazi, mina ngimphakamisele ehlobo lami, *kanje*.

276 Futhi ngingenamali eyenele ukugcina okwakhe . . . noma ngimtholele ibhodlela langempela. Ngangimenzele ibhodlela leKhoki linence phezulu kwalo. Ngangilifaka *lapha*, futhi ngiligcina phansi kwengalo yami, ngiligcine lifudumele. Wayekhala kakhulu kakhulu, ngangicinga, ngihlome leyoncence emlonyeni wakhe. Ngimyeke ancele isikhashana, bese ngibuyisela ibhodlela phansi phakathi *lapha*. Futhi nganginobisi yonke indawo kimi, nayo yonk’into, niyazi.

²⁷⁷ Ngangimbabile, ngiqhubeka ngqo, niyazi, ngimthatha ngiqhubeka. Ngesikhathi sasebusuku, he, he, ukuthi ngizama kanjani ukumthunduzela ukuba alale, futhi ngithole umuntu othize ukuba eze ambheke ngenkathi ngisayokhulekela abagulayo. Sihambe ibanga elide sindawonye. Ngithemba ukuthi Usigcina ngaleyondlela.

²⁷⁸ Ngimbona izolo, ephethe umfana wakhe omncane. Ngase ngicabanga, “Billy, bekunguwe lowo, esikhashaneni nje esedlule.” Awu, yileyondlela esizofanele siyenze, sidade endleleni, futhi sinike abanye ithuba. Alibusiswe iGama leNkosi.

²⁷⁹ “Nxa ingonyama ibhonga, niyabo, ubani ongesabe na?” “Nokumesaba uNkulunkulu kungukuqala kokuhlakanipha.” Kunjalo na? Yilokho indoda ehlananiphileyo eyakusho. “Ukumesaba uNkulunkulu.”

²⁸⁰ Manje, ngifuna nina bantu kulowomugqa womkhuleko, nimi lapho, nonke nina enaziyo ukuthi angazi lutho ngani, phakamisani izandla zenu. Nonke. INkosi elungileyo yaseZulwini ingumaHluleli wami; ngokwazi kwami empilweni yami, angikaze ngibone namunye wabo empilweni yami. Mhlawumbe bake bangibona, ngokuhlala laphaya ezethamelini.

²⁸¹ Manje, bangaki khona lapho ezethamelini, owaziyo ukuthi angazi neyodwa into ngawe na? Kodwa, nokho, uyagula, futhi uyakholwa ukuthi, uNkulunkulu, ubungathinta umphetho wengubo yaKhe, noNkulunkulu ubengakhuluma kimi ukuba ngikubize, njengoba Enza owesifazane, njengowesifazane wasekuqaleni na? O, he! Akumangalisi ngishumayele isikhathi eside kangaka. Izethameli ezinjalo, nalolohlobo lokukholwa, zifanele zikwenze.

²⁸² Yileli inenekazi na? Manje, nanti inenekazi. Sibonana kulobubusuku njengezihambi, futhi manje limi lapha. Kusobala, mhlampe liyagula, noma lingahle libe nenye inkathazo ethize.

²⁸³ Niyabo, uNkulunkulu wenza ezinye izinto ngaphandle kokuphilisa abagulayo, niyazi. Futhi ngakho... Futhi Wethembisa ukuhlangabezana nazo zonke ezezidingo zethu, izidingo zethu, ngesinye isikhathi hhayi izimfuno zethu, kodwa izidingo zethu. Manje ngifuna nina nje nicabange, okukodwa manje, nxa seniya ekhaya, noma uma ningakaze nikufunde ngaphambili, nifunde uJohane oNgcwele 4, futhi—futhi nibone manje. Manje, lapha, manje, angikhumbuli. . .

²⁸⁴ Angisho lokhu. Ngiyakholwa, lenkonzo, iphakathi kokuthi Uzongiyisa ekhaya noma ayenyuse ngesinyathelo. I—isezansi ngqo kuya kulesisikhathi sokuphela. Noma, kuphakathi kokuthi angithumele phesheya kwezilwandle noma ndawondawo lapho bengakaze baYizwe khona. Niyabo? Ikhona into ethize elungiselela ukwenzeka. Khumbulani nje.

285 Futhi, lalelani, angisuye umthengisi wamateyipu. Kodwa nginomfowethu olungileyo lapha othatha lamateyipu, nalowo nguMnu. Maguire. Ngikholwa ukuthi nguJames Maguire. Nomkhwe wakhe—wakhe, uMfowethu Sothmann emuva lapho, banalamateyipu. Bengingathanda, uma noma yimuphi wenu enesiqophamazwi... Angizukusho noma yini ngakho manje, ngoba angazi lutho ngakho. Kodwa uma uke waze wathenga iteyipu kubo, ithenge leyoteyipu, *Banumzane*, *Sikhathi Sini na?* Ilaleleni, *Banumzane*, *Sikhathi Sini na?* Idlale ngokukhuleka, bese kuthi-ke uzoqala ukungikhulekela. Niyabo? Nxa u... Isizathu, uzobona-ke ukuthi—ukuthi ngxakini engimi kuyo khona lapha kulobubusuku. Nikhuluma ngokuba sengxakini, ukuba kuphela benazi ukuthi bengimi kukuphi, khona manje, khona lapha! Niyabo? Kodwa ngifanele ngiqhubeke. Owinayo akayeki neze, noyekayo akawini neze. Kunjalo. Ngifanele ngikwenze engikushumayelile. Niyabo? Manje, ngiyamkholwa uNkulunkulu. NgiyaMkholwa khona manje.

286 Manje, nakhu okuphezu kwezisekelo. Manje, ukuba bengi—ukuba bengiyiNkosi yethu uJesus ngimi lapha, nalona wesifazane ubegula, niyazi bengingemphilise ukuba bengiyiNkosi uJesus. Bengingeke ngikwenze, ngoba sengivele ngikwenzile. Manje, bangaki owaziyo ukuthi lokho kuqinisele na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Niyabo? Impela.

287 Usevele uthethelele sonke isono. Usevele umphilise wonke umuntu ogulayo. Usevele ulabile leloGazi eKalvari. Inani selivele likhokhiwe. Sekukhokhelwe konke. Kodwa into kuphela ozofanele uyenze ngukuLemukela, uLikholwe futhi uLemekele. Futhi ungeke waLemukela uze kuqala uLikholwe. Niyabo? Kholwa yiVangeli.

288 Manje, kodwa ukuba-ke Ubemi lapha, efake lesudi iNkosi elungileyo eyaba noMfowethu noDadewethu Williams ukuba bangithengele yona, cisha eminyakeni eyisihlanu noma eyisithupha eyadlula na? Futhi ukuba-ke Ibimi lapha ngaleyosudi, ifake lesudi, nalona wesifazane ubemi lapha na?

289 Manje, ukuba Ibinezibazi esandleni saYo, Ibiyothi, “Uyabo, NginguMesiya. Ngi... Uyazibona izibazi na? Buka ebunzini lami.” Manje, noma yimuphi umkhohlisi ubengakwenza lokho. Kunjalo. BesingeMazi ngalokho. Futhi ukuba Ubemi lapha kanjalo, bengiyokwazi ukuthi bekungesuYe. Bengiyokwazi ukuthi bekungesuye.

290 Isizathu, nxa Efika, icilongo lokhala. Siyo... Akayikuza ngisho nasemhlabeni. Siyohlwithelwa emoyeni, ukuba siMhlangabeze. Niyabo? SiMbamba emoyeni. “Thina esisekhona sisasele siyakuhlwithwa kanye nabo, ukuhlangabeza iNkosi emoyeni.” Akezi neze emhlabeni. Sihlangabezana naYe emoyeni.

291 Kodwa manje, Wathi, “Ngiyakuba nani, kuze kube sekupheleni kwezwe. Angiyikunishiya angiyikuniyeka.” Angaba

nguYe kanjani? UkuPhila kwaKhe. Manje-ke, uma ukuPhila kwaKhe bekungaba kimi, futhi ke bengiyobe ngiMmele. Khona-ke, ukuba bekungaba njalo, bekuyoba ngukuPhila okufanayo okwakukuYe, bekuyokwenza izinto ezifanayo Azenzayo.

²⁹² Manje, nangu owesilisa nowesifazane, njengoJohane oNgcwele 4. Wabonana nowesifazane. Akakaze ambone phambilini. Wayengakaze aMbone. Futhi lapho bama, ndawonye. Futhi Wamtshela, owesifazane emthonjeni, ukuthi inkathazo yakhe yayiyini. Futhi ngenkathi Enza lokho, wathi, “Nkosi, ngiyabona U—Ungumprofethi wena.” Wathi, “Kodwa siyazi ukuthi uMesiya, nxa Efika, Othiwa u*Kristu*, kuchaza ukuthi, “Ogcotshiweyo; nxa Efika, Uzokwenza lezizinto, asitshela lezizinto.”

Futhi Wathi, “NginguYe, okhuluma nawe.”

²⁹³ Manje, uma Enguyena izolo, namuhla, naphakade; kuphela, umzimba wangempela... Usebenzisa umzimba wethu. “Ungumvini. Singamagatsha.” Manje-ke, lowoMoya ubuyokwenza futhi njengoba nje Wenza ngenkathi WawukuYe. Kunjalo na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Bekuyonenza nikholwe na? Thanini, “Amen,” uma bekuyonenza. [“Amen.”]

²⁹⁴ Manje, nenekazi, mina ngingakwazi wena, ngingakaze ngikubone empilweni yami, njengoba ngazi ngakho. Kusobala, mhlawumbe ungibonile esitaladini noma emihlanganweni, nokunye nokunye. Kodwa lesi yisikhathi sethu sokuqala ukubonana.

²⁹⁵ Manje, uma—uma kungukuphiliswa okudingayo, awu, mina, ukuba bengingakwenza, bengiyokwenza, futhi uma benginanoma yiyiphi indlela. Futhi uma kungezezimali, uma bengi—ngingakusiza, bengiyokwenza. Futhi uma ubungathi, kungahle kube ngomunye umuntu othize, ubuyothi, “Ngiza lapha, Mfowethu Branham, ukuba wena ukhulekele i—indodana yami, noma indodakazi yami, noma udadewethu, noma ubabayi,” noma umuntu othize. Bengingakwenza lokho, uyabo, noma yini ebengingayenza.

²⁹⁶ Futhi—futhi uma ubunenkathazo yezasekhaya, bengiyothi, “Ngithanda ukubonana nawe nomyeni wakho, ndawonye, futhi ngixoxe nani ndawondawo ngaphandle kwalapha, niyabo, ukuze ngikwazi ukuxoxa kini nobabili futhi ngibone impela nje ukuthi lilelephi iphutha. Khona-ke, nxa uMoya oNgcwele wembula, uthi, “Lindani umzuzu. Nenza *lokhu* khona lapha ngalesikhathi esithize.” Lokho kuyakuxazulula. Ningeke nakuphika lokho. Niyabo? Uthi, “Nenza *lokhu* ngapha.” Khona-ke, khona-ke sekuxazululiwe, niyabo. Manje, niqala kusukela khona lapho. Niyabo? Leyondlela, sekwenziwe.

²⁹⁷ Manje, uyazi ngixoxa kini ngenhloso ethize. Kade ngishumayela. Niyabo? Futhi manje-ke ngi—ngizifaka mina nje o—ogcobweni lwenye into ethize, niyabo, ukubona uma

uMoya oNgcwele uzoza futhi usebenze phezu kwami ngesiphiwo sobuNkulunkulu; lokho kungukuthi, onembeza ababili babekwe ngqo ndawonye, okunginika umusa kaNkulunkulu ukuba ngibone imibono, futhi ngibone ukuthi kwenzekani, ukuthi kuzokwenzekani, ukuthi bekuyini.

²⁹⁸ Uyazi ukuthi ngabe kuyiqiniso noma qha. Umi lapha phambi okungenani kwabantu abangamakhulu amahlanu, uyabo, noma kusondele kuwo, amakhulu amathathu, empeleni. Uyabo? Futhi—futhi uyazi ukuthi ku—ku... Uyazi ukuthi ngabe kuyiqiniso noma qha. Futhi—futhi uma kuyiqiniso, khona-ke nguNkulunkulu. IBhayibheli lathi, “Uma ekhona phakathi kwenu, ongowomoya noma umprofethi, nalokho akushoyo kufezeka, khona-ke mzweni.” Niyabo? Manje, “Uma kungenzeki, khona-ke ningamuzwa.”

²⁹⁹ Manje, anginalwazi ukuthi inenekazi lize ngani lapho. Kodwa manje akudedelwe uMoya oNgcwele nje uze, futhi sibone uma Ungakusho. Niyabo? Futhi uma lokho kungayikuba yinto efanayo iNkosi yethu eyayenzayo! Lokho bekuzoba yikho kuphela Ebingakwenza uma Imi khona lapha, ngoba, khumbulani, yiYo. YiYo. Akusimina. Angilazi. Ngiyavuma, angilazi. Ngakho, bekuzothatha Yona.

Manje, kusobala, inenekazi linokuzwa okumangalisayo emoyeni walo.

³⁰⁰ Hhayi ngoba liphakamise isandla salo. Nonke nike naba semihlanganweni, futhi nibabone bephakamisa isandla sabo, ubiza *kanjalo*, noMoya oNgcwele ubiza emuva ngqo futhi ubatshela ababeyikho. Niyabo? Kunjalo. Lokho akuchazi noma yini. Nibezwe bedazuluka futhi bamemeze *kanjalo*, ubatshela ngayo leyonkathi-ke, “Uhlala nalomfazi wendoda,” ngakubona khona *ngapha* ngqo, nayo yonke eny’into. Awu, niyazi. Nike naba semihlanganweni futhi nabona ukuthi zikanjani lezozinto, futhi niyabona ukuthi zikanjani lezozinto. Lokho akuchazi-nto.

³⁰¹ Kodwa inenekazi libonakala lingukuzwa okumangalisayo emoyeni walo. Manje, inenekazi liphethwe yinto ethize engalungile. Ngiyalibhekisisa, indlela elidla ngayo. Liphambi kwami manje, etafuleni, futhi lithi ukudla ukudla okukhethekile noma into ethize, uhlobo lokudla okukhethekile okuyinqaba. Kunjalo. Yiqiniso lelo na? [Udade uthi, “Kunjalo.”—Umhl.] Manje-ke phakamisa isandla sakho ukuze abantu bezokubona. Niyabo? Ngilibonile inenekazi phambi kwami, lenza into ethize. Noma ngabe bekuyini, kuseteyipini. Niyabo? Kulungile. Manje, ukuze nje uzokwazi ukuthi kungani . . . Lingumuntu okahle.

³⁰² Bhekisisani umzuzwana nje. Manje uMoya uyagcoba. Manje, wonk’umuntu akahlale ahloniphe ngokuzithoba ngempela. Qhubekani nikhuleka. Yibani semkhulekweni, ngoba ngikubonile kuhamba phezu kwezethameli ngaleyonkathi nje. Niyabo? Manje hloniphani ngokuzithoba ngempela.

303 Asibone inenekazi futhi, ukukhuluma nalo nje. Noma ngabe yini Akutshele yona...Ya. Nakhu. Yitafula. Yi—yinkathazo yesisu. Nolunye uhlobo engathi isifo esithathelwanayo noma into ethize esiswini. Udokotela ubekubuka lokhu. Futhi, awusho, usube nalenkathazo isikhathi eside. Futhi, kanye, kwaphumiselwa, “Isilonda, esivelayo.” [Udade uthi, “Kwakunjalo impela.”—Umhl.] Futhi manje washo into ethize. Kwakuyini leyo na? “Ithumbu lenanzi. Ithumbu lenanzi.” [“Ithumbu lenanzi.”] “Ithumbu lenanzi,” ngamuzwa esho lokho. Uyabo? [“Kunjalo.”] Kunjalo. Kunjalo impela. Igama lakho unguNkosazana McCraw. [“Yebo, mnumzane.”] Kunjalo. Qhubeka manje, kholwa ngayo yonke inhliziyi yakho. [Udade ukhaliswa yinjabulo—Umhl.]

Niyakholwa na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.]

304 Emva kokukhala kanjalo, uhlezi emuva lapho, mnumzane, lelo amaphaphu abhidlikile obunawo ufanele ukuzizwa ungecono kaninginingi njengamanje, uma ukholwa. Sekulungile konke manje. Kulungile, lokho kukwenzile. Amen.

Uthinteni na?

305 Indoda, cishe amabili emva kwayo lapho, inobul’khuni bemithambo ethumelayo, uma ukholwa nawe, mnumzane!

306 Uthinteni na? Anikuboni lokho kuKhanya kulenga khona lapho na? Bukani lowoMbala ophuzi *lapho*. Angiyazi indoda, angikaze ngiyibone empilweni yami. Kholwa yiNkosi uJesu nje.

307 Manje, ndawondawo, kunengane encane lapha, ingane esancela inentamo engaqondile. *Nanso*. Angimazi. Kholwa, dade. Leyontamo yengane izoqonda, uma uzokukholwa.

Uthinteni na? Haleluya.

308 Kunento ethize ngentamo. Ngiyibonile. Ngowesifazane. Ngeke ngambeka. Ya. Uhlezi lapha, ekhala izinyembezi. Nkk. Riley, kholwa eNkosini uJesu Kristu, intamo yakho izophila. Kholwa.

309 Angimazi owesifazane. Angikaze ngimbone empilweni yami. Into kuphela ozofanele uyenze ngukukholwa uJesu Kristu. Niyakukholwa lokho na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Yiba nokukholwa.

310 Angikwazi, mnumzane. Siyizihambi komunye nomunye, ngokwazi kwami. Uyakholwa ukuthi uJesu Kristu angangitshela ukuthi yini inkathazo yakho na? Uyazi ukuthi ngabe kuzoba ngokuqinisile noma qha, awazi? Uma ungakholwa ngayo yonke inhliziyi yakho manje! Kulokhu kuya ezethamelini. Uyakholwa ukuthi umkakho khona lapho uzolunga, naye na? [Umfowethu uthi, “Yebo.”—Umhl.] Inkathazo yeso, uphethwe yinkathazo yeso. Uyakholwa na? Awusuye owalapha. Qhabo. Ungowalapho okunenqwaba yamanzi, ngandlela thize.

Yidolobha lasogwini. YiCalifornia, iLos Angeles. Buyela emuva, Mnu. Bowman, futhi usinde. NoJesu Kristu uzokusindisa.

³¹¹ Niyakholwa na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Manje, nina, wonke umuntu angaphiliswa khona manje uma nizokukholwa. Niyakukholwa lokho na? [“Amen.”]

³¹² Nina-ke enisemgqeni womkhuleko, niyakukholwa, nani na? Yibani nokukholwa nje, futhi ningangabazi. Kholwani ngayo yonke inliziyo yenu, umzuzu.

³¹³ Lelinenekazi, isizathu ngime nalo, lisesimweni esinzima. Lona wesifazane uzofa khona nje uma into ethize ingenzelwa yena, ngoba usibekelwe yithunzi. Niyalibona lelothunzi elimnyama phezu kwakhe na?

³¹⁴ Ake nisho, niyazi, sinethunzi lalokho kufa phezu kwabantu; sithathwe yikamera yezithombe, njengeNgelosi yeNkosi nje. SinaSo silenga ebandleni lethu; okukhulukazi, into ebukeya imnyama, njengesishingishane, ilengela phezu kowesifazane. Bamthela ukuba angasithathi isithombe. NoMoya oNgcwele wathi, “Sithathe khona manje.” Base besishutha isithombe, futhi sasilapho. Niyabo? Macala omabili, lapha. Silenga khona lapho.

³¹⁵ Ninabantu enivela etabernakele, abanye benu o, olapha, uMfowethu Fred nabo, nansi leyonto efanayo ilenga ngqo phezu kwalona wesifazane.

³¹⁶ Unomdlavuzo, lokho kunjalo, isinye. Kunjalo. Kunjalo na? Phakamisa isandla sakho uma lokho kuqinisele. Uyabo? Manje ubumnyama sebhambile, ngaphandle kokusho noma yini. Uyabo, ukukholwa kwakhe nje, okukwenzile. Hamba, ukholwa. Amen. Amen. Ungakungabazi. Hamba nje futhi ukholwe ngayo yonke inhliziyo yakho.

³¹⁷ Inkathazo yenhliziyi ibulala inqwaba yabantu, kodwa ayizikukubulala uma uzokholwa. Amen. Hamba nje, uthi, “Ayibongwe iNkosi.” Hamba futhi usinde. Kulungile.

³¹⁸ UDeveli uzothanda ukukwenza ube nalesisifo samathambo impilo yakho yonke. Kodwa uma ukholwa ngayo yonke inhliziyo yakho, uJesu Kristu uzokusindisa. Uyakukholwa na? Qala emgwaqeni wakho, ubonga uNkulunkulu.

³¹⁹ Uyakholwa ngayo yonke inhliziyo yakho na? Ungahamba udle ukudla kwakho kwakusihlwa, naleyonkathazo yesisu izokuyeka. Hamba nje bese uthi, “Ayidunyiswe iNkosi!” Hamba, uYikhole ngayo yonke inhliziyo yakho.

³²⁰ Ubunayo, nawe, inkathazo yesisu. Kholwa ngayo yonke inhliziyo yakho, futhi hamba, noJesu Kristu uzokusindisa. Kulungile.

³²¹ Wesaba mayelana nani na? Ukhathazwa ngukwethuka. Kuthe nje ukukwehlisa, cishe impela unokulahlekelwa yimpilo, uSathane eqamba amanga kuwe. Kodwa sekuphelile manje. Uyangikholwa na? Hamba, bese uthi, “Ayidunyiswe iNkosi!”

322 Nkosi Jesu, ngikhulekela ukuthi Uzophilisa udadewethu futhi umsindise, eGameni likaJesu. Amen.

323 Woza, ukholwa, dade. EGameni likaJesu Kristu, ngibeka izandla zami phezu kwakhe kukho ukuphiliswa kwakhe.

324 Woza, mfowethu. EGameni likaJesu Kristu, ngibeka izandla zami phezu komfowethu kukho ukuphiliswa kwakhe. Amen.

325 Bangaki onenhliziyu ekholwayo, phansi kwesandla esizophakama na? Manje beka lesosandla phezu komuntu othize oseduze kwakho. Uthi, “UAmose wayeyokusho lokho na?” Impela wayeyokusho. Lelo yiZwi leNkosi. Uphakamisa isandla sakho, ukholwe.

326 UJesu wathi, “Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo. Uma bebeka izandla zabo phezu kwabagulayo. . .” Akashongo ngisho nokuthi bayobakhulekela. Wathi, “Uma bebeka izandla zabo phezu kwabagulayo, isandla nje sibekwa phezu kwabo, bayosinda.”

Asikhuleke.

327 Nkosi Jesu, iNkosi ibhongile ngePhimbo laYo, “Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo. Uma bebeka izandla zabo phezu kwabagulayo, bayosinda.” Nkosi Nkulunkulu, kwangathi onke amademoni angadazuluka. Kwangathi konke ukugula kungasuka. Kwangathi uDeveli angahlulwa, nabantwana bakaNkulunkulu baphume kulesisakhiwo kulobubusuku besekunqobeni namandla okuvuka kukaJesu Kristu.

328 Kukholweni. Kunjalo. Hlalani nje nakho ngqo. Ake nisho, bekani nje, gcina isandla sakho sibe phezu komuntu othize, uthi “Nkosi, baphilise.” Ngifuna ukhuleke. Ngikhulekile. Ngifuna ukhulekele umuntu othize. U—u. . . UngumKristu njengoba nginguye. Sonke singamaKristu. Manje khulekela umuntu othize. Bakhulekela wena.

329 Manje, ubungafuna kanjani ukuba umuntu othize akukhulekele na? Bakhulekele njengoba ufuna ukuba umuntu othize akukhulekele. “Yenza kwabanye, obungathanda abanye benze kuwe.” Khuleka kuzwakale ngqo, yiba qotho, njengoba nje ufuna bakukhulekele.

330 “Nomkhuleko wokukholwa uyakumsindisa ogulayo. UNkulunkulu uyakubavusa. Futhi uma bebenanoma yikuphi ukungakholwa, kuzosuswa kubo.” Ngani na? “INkosi iyabhonga. Ubani ongefophe na? Ubani ongefakaze nxa iNkosi ibhonga na?” IZwi laKhe lithi, “Nguyena izolo, namuhla, naphakade.”

Mfowethu Fuller, woza. UNkulunkulu akubusise.



INDLELA YOMPROFETHI WEQINISO ZUL63-0119
(The Way Of A True Prophet)

LomMlayezo ngo Mfowethu William Marrion Branham, okokuqala wethulwa ngesiNgisi ngoMgqibelo kusihlwa, ngoJanuwari 19, ngo 1963, eFaith Temple ePhoenix, eArizona, U.S.A., uthathelwe ekuqopheni kweteyipu enozibuthe futhi washicilelwa ungafinqiwe ngesiNgisi. Lokhu ukuhunyushwa ngesiZulu kwashicilelwa futhi kwakhishwa yiVoice Of God Recordings.

ZULU

©2014 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS, SOUTH AFRICA OFFICE
58 DISA ROAD, ADMIRAL'S PARK, GORDON'S BAY 7140 WESTERN CAPE
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org

Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org